


# IMIBUZO NE ZIMPENDULO

## NGOMOYA ONGCWELE

 Futhi emva kobusuku bayizolo sonke sigwalisiwe nje. Ngizwe imibiko emihle namhlanje yabangingi omukele uMoya oNgcwele. Futhi siyajabula ngakho.

<sup>2</sup> Ngiyajabula ukuba noMfowethu Graham nathi kulobubusuku, omunye wababambisene nathi lapha evela etabernakele, umelusi webandla lobungcwele enhla eUtica. NoMfowethu uJackson, ubelapha phakathi, izolo ebusuku, ngikhulwa ukuthi bekuyikhona, noma usemuva lapha ezethamelini ndawondawo manje, omunye ushilo, e... Yebo, ngiyambona uMfowethu Jackson emuva ezethamelini manje. No—noMfowethu Ruddell, ngabe ukhona kulobubusuku na? Lowo ngomunye wababambisene nathi lapha ku “62.” Siyajabula ukuba nabo phakathi. Nanowethu... O, uMfowethu Pat, nabo bonke laba abanye abazalwane, si—nalaphaya ezethamelini. Siyajabula ukuba nani nonke lapha kulobubusuku.

<sup>3</sup> Manje, uma bengingayilungisisa into, bengingaletha abanye balabobashumayeli abakahle benyukele lapha ukuba bakhulume kini, ngoba ngishe izwi kusukela nje ekubeni nesikhathi esikhulu kanje izolo ebusuku.

<sup>4</sup> Manje, umkami, ungongiqondisayo; niyazi, bazalwane, engikhuluma ngakho. Uthe abantu abangemuva izolo ebusuku bebengangizwa, ngoba bengikhuluma kulento. Futhi manje, ngaphambi kokuba ngithole ukuthi ngiqale, ngizozama into ethize. Manje, angazi noma ngabe lokho kungcono yini. Ngabe lokho kungcono emuva le ngemuva na? Noma ngabe lokhu kungcono na? Ngabe lokhu kungcono na? Manje, S’thandwa, lokho kukanye nginemaki ngemelene nawe. Manje, bathi lokho kungcono. Kulungile. O, he! Lowo ngowesifazane. Lowo ngokahle, ngoba sekuyisikhathi eside ngaba naye oyedwa. Uvame ukuba ngoqinisile.

<sup>5</sup> Awu, impela kade sinesikhathi esikhulu kulezo inkonzo yasebusuku obuthathu; ngenzile. Futhi manje, amatheyipu, onke ngaphandle kwayizolo ebusuku... ngibize uMfowethu Goad ngase ngimtshela ukuba eze athathe itheyipu enzele itabernakele. Kodwa kwenzekile ukuthi ngiqondile ukuthi uBilly Paul ubenemoto yakhe wayesesuka esehamba, ngakho itheyipu ayithathwanga ngokwazi kwami. Ngakho siyigejile leyo. Bengithanda ukuba igcinwe ebandleni ngenxa yebandla ukuba—omunye asho—esikhulwayo.

6 Manje, kulobubusuku ngizokhuluma ngokuthi *INkomfa Enkulu*, uma ngingaqeda imibuzo ngesikhathi. Bese kuthi-ke, kusasa ekuseni yinkonzo yokuphilisa. Futhi sizokhulekela abagulayo. Ngakho-ke, singeke sakhapha—noma sihambe nje bese sithi, “Manje, ngizothatha wena, nawe, nawe.” Lokho bekungebe kuhle. Kodwa sikhapha iqoqo lamakhadi, futhi ndawondawo ngakulawomakhadi, ngibiza abambalwa benyukele emsamo. Bese kuthi-ke, uma uMoya oNgewele uqala ukwembula, bese-ke Uphumela wedlulele ezethamelini bese uthola abantu phandle ezethamelini wenzele inkonzo yokuphilisa. Bese kuthi-ke, kusasa ekuseni, ngizobe ngikhuluma, iNkosi ithanda, ngaphambi nje kwenkonzo yokuphilisa.

7 Ngibona umkami ehleka. S’thandwa, awungizwa nhlobo na? O, uyangizwa. Awu, lokho kukahle. Uhlezi emuva ngemuva futhi uma ku—engangizwa, unikina ikhanda lakhe, “U . . . Angikuzwa, angikuzwa.”

8 Ngakho manje-ke kusasa—kusasa ebusuku yinkonzo yokuvangela nenkonzo yombhaphathizo wamanzi. Bese kuthi-ke, ngiyothi ngingaqeda nje ukushumayela kusasa ebusuku, sizodonsa amakhethini siwahlehlise bese siba nenkonzo yombhaphathizo wamanzi lapha kusasa ebusuku. Uma iNkosi ithanda, uma iNkosi ithanda, ekuseni ngifuna—noma kusasa ebusuku ngifuna ukukhuluma ngendaba ethi: *I—ISibonakaliso SaNikezwa*. Bese kuthi-ke, uma silapha ngoLwesithathu ebusuku, uma iNkosi ingivumela ukuba ngibe lapha ngoLwesithathu ebusuku, ngifuna ukukhuluma ngendaba ethi: *Sibonile iNkanyezi yaKhe kwelaseMpumalanga Size ukuKhuleka kuYe*. Manje, lokho nje kungaphambi kwantambama ngosuku oluphambili kukaKhisimuzi.

9 Bese kuthi-ke, masinya emva kukaKhisimuzi yiviki leholide likaKhisimuzi. Yilapho esithatha khona zonke ezezincwadi . . . UMfowethu Mercier nabo bavame ukuzikhipha zonke. Bese sizichaya zonke, bese sikhuleka phezu kwalezizincwadi bese sicela iNkosi ukuba isiholele lapho zingezakhona ezweni lonke esizoya kulo.

10 Manje, bona, iChristian Business Men, banolukhulu uhide, okuzoba seFlorida khona masinya kwenkomfa yabo. Kuhanjwe kusukela lapho kuyiwe eKingston, bese-ke kuba ngale kwelaseHaiti, nasezansi ukuya ePuerto Rico, phakathi eNingizimu Melika, kubuyelwe enhla ukudabula eMexico.

11 Kodwa iNkosi ibonakala ingiholela eNorway. Angazi ukuthi kungani. Niyayazi incwajana ethiwa *Umuntu Othunywe NguNkulunkulu?* Iyincwadi ekhishiwe enkulu kunazo zonke zezenkolo eNorway. Icabangeni, okwenziwe yiNkosi lapho. Futhi ngenkathi ngilapho, babengangivumeli ngibeke izandla phezu kwabagulayo. Ngangilapho ubusuku obuthathu. Futhi

babengangivumeli ngibeke izandla phezu kwabagulayo. Ngakho niyabona ukuthi uNkulunkulu angenzani. Izixuku sasisikhulu kakhulu badingeka bathathe amaphoyisa angonongqayi, amahhashi, futhi baxoshe abantu ezitaladini ukuze ngikwazi ukwenyukela endaweni. Futhi angizibekanga izandla phezu kwabagulayo. Ngabakhulekela nokho; ngabayeka babeka izandla phezu komunye nomunye.

<sup>12</sup> Ngakho...[Omunye ukhuluma kuMfowethu Branham—Umhl.] Ya, impela ngizokwenza, ke. Manje, kusasa ekuseni...Manje, kulobubusuku, mhlawumbe sizongena nje kulemibuzo, ngoba sineminye emihle ngempela. Futhi angazi ukuthi iNkosi izosihlalisa isikhathi eside kangakanani kuwo. Bese kuthi-ke, kusasa ekuseni kuphakathi kokuthi uBilly Paul, uGene, noma uLeo, oyedwa, uzoba lapha ukunikezela amakhadi omkhuleko ngeleshiyagalombili kuze kube ligamenxe eleshiyagalombili. Manje, abantu bangaphandle kwedolobha, angikwenze ngikuphinde futhi ukuze ningezukukhohlwa. Uma ningathanda ukungena emgqeni, singaqoka ukuba nabantu bangaphandle kwedolobha uma kungenzeka.

<sup>13</sup> Manje, ngezinye izikhathi lapha ebandleni sifika endaweni lapho abathi khona, “Awu...” Sithola abantu bangaphandle kwedolobha, sibalethe benyuke...Omunye uzothi, “Awu, bengingazi ukuthi yini ebingalungile kubo. Bangahle ukuba bebesho into ethize eyiphutha.” Bese-ke uthola abantu abasedolobheni; bathi, “O, ungahle ukuba ububazi.” Ngakho... Bese-ke bethi—kuthiwe, “Awu, ngizokutshela, amakhadi omkhuleko.” Awu, kuthiwani-ke ngalabo ongenawo amakhadi omkhuleko. Futhi bekuwusuku nosuku ngenkathi ku... .

Ubethini? [UMfowethu Branham ucelwa ukuba ame aqhele kwimayikrofoni—Umhl.] Ngime ngiqhele kwimayikhi? Awu, niyazi, njalo ngishumayela maphakathi nomgwaqo. Ngakho mhlawumbe ngizoyithatha nje kanjalo. Lokho kungcono na? Lokho kungcono. Lokho kukahle. Ngizonitshela ukuthi kuyini. Izinsimbi zethu—zethu zokukhuluma emphakathini zimbi kakhulu lapha, zimbi kakhulu. Futhi asizami ukuthola noma yikuphi ukuba ngcono manje, ngoba sifuna itabernakele elisha lakhiwe khona masinya. Bese kuthi-ke lapho sesinenqwaba yegumbi (niyabo?), uma singafinyelela ngapha bese sinweba lendawo iphume ithi ukuba banzi kancane, bese sakha ezinye futhi izindawo, futhi silungele imihlangano uma sinayo lapha.

<sup>14</sup> Futhi manje, khumbulani, ekuseni abafana, oyedwa noma abathathu babo bazobe benikezela amakhadi phakathi ligamenxe eleshiyagalombili, noma, eleshiyagalombili nokugamanxa kweleshiyagalombili. Lokho kunikeza ithuba lawo wonke umuntu ukuba azinze. Futhi bengikhuluma ngokuthi bawanikezela kanjani amakhadi, ukuthi sikwenzelani. Kungukugcina kuhlelekile. Niyabo? Manje, uma-ke ngingena lapha, njengakhona manje nje ngase ngithi, “Akube yilona

wesifazane, *lona* wesifazane, *nalowo* wesilisa, *nalona* wesifazane. . .” Niyabo, lokho bekungathi ukuba—lokho bekungathi ukubal’khuni. Niyabo? Bese kuthi-ke, uma u. . . Izikhathi eziningi ngikwenzile lokhu. Futhi uma bengebaningi kakhulu ekuseni, ngingahle ngenze into efanayo. Ngizothi, “Bangaki abantu lapha ovela ngaphandle kwedolobha onento ethize engalungile ngani, sukumani.”

<sup>15</sup> Mfowethu Mercier, uza ekungitakuleni. Uzongisiza na? [UMfowethu Mercier uyaphendula—Umhl.] O, uyeza. . . Uza ekutakuleni kwakhe uqobo. Ngikhulume nentombi yakho namhlanje. Manje, kungcono ube muhle ngempela kimi. Uyabo? Kulungile. Lokho kuhle. Ngi—ngiyasazisa lesosibindi Mfowethu Leo. Uma kungalungile, asi—asikulungise ngakho konke esaziyo ukuthi kutholwa kanjani, okwedlula konke esingakwenza.

<sup>16</sup> Ngakho manje manje-ke, nje ngicele abantu abangaphandle kwedolobha ukuba baphakamise izandla zabo onento ethize engalungile ngabo. Bese kuthi-ke bame lapho nje, banake umuntu oyedwa uMoya oNgcwele uze uqale, bese uthatha zonke izethameli ziphelele. Bangaki obelapha ngenkathi bebone lokho kwenziwa phakathi lapha na? Impela! Niyabo, niyabo? Ngakho akunandaba ukuthi kungaphi. Nje ku. . .

<sup>17</sup> Ngifuna nikhumbule lokhu, futhi ngizozama ukwedlula kukho ekuseni futhi. AbeZizwe, iVangeli elinikwe bona liyiVangeli lokukholwa, akusiyo nhlobo imisebenzi. Niyabo? Futhi njengoba ngishilo izolo ebusuku. Ngenkathi uMoya oNgcwele wehla ePhentekoste, ngenkathi behlela kubaJuda (iZenzo 19:5), badingeka babeke izandla phezu kwabo ukuthi baMemukele. Futhi ngenkathi behlela kumaSamariya, badingeka babeke izandla phezu kwabo. Kodwa ngenkathi befika kwabeZizwe endlini kaKorneliyu, “Kwathi uPetru esakhuluma lawamazwi. . .” Kungekho kubekwa kwezandla.

<sup>18</sup> Ngenkathi intombazanyana ifa, indodakazi kaJayiru, umpristi, wathi, “Woza ubeke izandla phezu kwayo, futhi izophila.” Kodwa ngenkathi induna yekhulu engumRoma, oweZizwe, yathi. “Angifanele ukuba Uze phansi kophahla lwami, khuluma izwi.” Yilokho-ke. Niyabo?

<sup>19</sup> Owesifazane ongumSirofenike, umGreki empeleni ayeyikho, ngenkathi e—ngenkathi uJesu ethi kuye, wathi, “Akukuhle kiMi ukuba ngithathe isinkwa sabantwana bese ngisipha izinja.”

Wathi, “Yiqiniso lelo, Nkosi; kodwa izinja phansi kwetafula idla imvuthuluka yabantwana.”

Wathi, “Ngenxa yalelizwi, udeveli usephumile endodakazini yakho.” Shono izinto ezinhle-ke. Shono into ethize enhle ngomunye umuntu. Khuluma ngoJesu. Shono into ethize ethembekile, into ethize engeyangempela. Yileyondlela yokususa odeveli. Akazange athi—Akazange ayikhulekele intombazane.

Akazange asho neyodwa into ngayo iphiliswa; Wathi nje, “Ngenxa yalelizwi, ngenxa yalelizwi. . .”

<sup>20</sup> UHattie Wright, ngoluny’usuku, akacelanga lutho. Wayehlezi lapho nje, kodwa washo into efanele, eyathokozisa uMoya oNgcwele. NoMoya oNgcwele wakhuluma waphendula wase ethi, “Hattie, cela noma yini oyithandayo, noma ngabe yini onayo noyifunayo. Thola ukuthi ngabe lokhu kuyikho ngempela noma qha. Cela noma yini (ukuphiliswa kukadadewabo omncane okhubazekile ehlezi lapho eshwabene konke; amadola ayizinkulungwane eziyishumi ukumvimbela ekumbeni lawomagquma laphaya; ubusha bubuyiselwe emzimbeni wakhe osuwehle kakhulu); noma ngabe yini ofuna ukuyicela, icele khona manje. Uma Engafiki futhi akuphe yona khona manje, khona-ke ngingumprofethi wamanga.” Leyo yi—leyo yileyonto ethize, ayisiyo na?

<sup>21</sup> UJesu wathi, “Nithi kulentaba. . .” Futhi niyizwile i—ngalokho obekwenzeka; leyo yinkonzo esingena kuyo. Sesisenhla le nomgwaqo manje. Masinya ukuFika kweNkosi uJesu. Futhi sifanele sibe nokukholwa kohlwitho eBandleni elingaguqulwa ngesikhashana ngokuphazima kweso ukuba liphume, kungenjalo asizukuhamba. Kodwa ningakhathazeki, kuzobakhona. Kuzobakhona. Futhi ngenkathi amandla *alelibandla* ephakama, ayoletha abazalwane balo; amandla *alelobandla* ephakama, ayoletha abazalwane balo; amandla *alelobandla* ayoletha abanye abazalwane; khona-ke kuyobakhona ukuvuka kwabantu bonke. Futhi sikubhekile.

<sup>22</sup> Manje, ningakhohlwa, amakhadi omkhuleko ekuseni ngelesishiyagalombili nqo kuze kube ligamenxe elisishiyagalombili. Bese-ke ngibabuza noma yini ebi-phakathi, bese-ke nje ngiyeka ukunikezela amakhadi, bese ngiqhubekela emuva, bese ngihlala phansi (niyabo?), ngoba bazoba nawo onke enikezelwa mhlampe ngalesosikhathi empeleni, noma njengabaningi njengoba sizobadonsa lapho ndawondawo. Abafana bazosukuma, baxubanise onke amakhadi phambi kwenu ngqo, bese-ke uma ulifuna elilodwa, ulifuna elilodwa, kumbe noma ngabe yini enye kanjalo. . . Bese-ke uma ngingena, ngizovele nje. . . Noma ngabe yikuphi iNkosi ethi akubizwe kusukela. . . Futhi uma Ithe, “Ungabizi nhlobo,” angizukubabiza nhlobo (niyabo?), nje noma ngabe yini.

<sup>23</sup> Futhi ngi. . . Leyonkonzo isithi ayifiphale nje empeleni; kunento ethize enkulu kunenye engenayo. Khumbulani, yilapho isikhathi ngasinye bekushiwo wonke lomsamo noma lonke lelipulpiti, futhi akukaze kwehluleke neze namanje. Niyayikhumbula inkonzo emayelana nesandla na? Niyabona ukuthi yenzani na? Imicabango yenhliziyoyi, niyabona ukuthi yenzani na? Manje bhekisisani lokhu: khulumani iZwi, futhi nibone ukuthi Lenzani. Niyabo? Nganitshela lapha eminyakeni eyadlula—ibandla (ngikhuluma kwitabernakele)—eminyakeni

eyadlula, emithathu noma iminyaka emine eyadlula, ikhona into ethize eyayilungiselela ukwenzeka; ilungiselela ukwenzeka. Futhi nansi manje ibhobokela ngqo e...Iyazilongga iya phezulu. Manje, sinokubonga ngalokho. O, sibonga kanjani. Sijabula kakhulu nje.

<sup>24</sup> Manje, sineminye imibuzo ejiyile ngempela lapha, futhi sifuna ukungena kuyo ngqo. Omunye ubuke zonke lezizincwadi ebenginazo. Ngithe, “Awu, indoda esmati idinga kuphela eyodwa.” Kodwa angisiyo indoda esmati. Nginenqwaba yazo ukuba ngibuke kuzo. Awu, lena iDiaglott, naleli yiBhayibheli, nalokhu ukuqoqelwa ndawonye kwamagama afanayo bese kukhonjwa lapho engatholakala khona. Ngakho yi...Sizocela iNkosi nje ukuba isisize futhi isiqondise ukuba siphendule lemibuzo ngokwentando yobuNkulunkulu baKhe nje neZwi laKhe.

<sup>25</sup> Ngakho manje, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje senzele umkhuleko. Nkosi, sinokuKubonga ngokuvela impela ezinjulweni zenhliziyo yethu ngalokho Osenzele khona kulobubusuku obuthathu obedlule. O, ukubona abefundisi behlangene emuva lapho ekamelweni futhi bebhawulana, futhi benza busha ukukholwa, ne—nesinyathelo esisha ukuba sithathwe. Beshayela efonini...Nezinhliziyo zethu zithokoza, nabantu bemukela uMoya oNgcwele emva kokuba kade be—bebone iZwi laKho, ukuthi Lisho kanjani impela isinyathelo ngesinyathelo ukuthi wemukelwa kanjani uMoya oNgcwele waKho. Sibonga kakhulu ngalokho, Nkosi.

<sup>26</sup> Wenza izinto zibe lula kakhulu kithi, ngoba singabantu abalula. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi—ukuthi Uzosivumela ngokupheleleyo ukuba sizenze thina uqobo sibe lula njalo. Ngokuba yi...Yilolohlobo oluzithobayo oluyophakanyiswa. Nokuhlakanipha kwezwe kungubuwula kuNkulunkulu; lokho kwamthokozisa uNkulunkulu ngobuwula bokushumayela ukusindisa labo ababelahlekile.

<sup>27</sup> Namanje, Baba, kukhona lapha enginayo imibuzo eminingana ebuzwa ngokuvela ezinhliziyweni ezimsulwa ekhathazekile. Nomunye wayo ophendulwa ngokungesikho ungalahle uphonshe umuntu endleleni engesiyo, ukuphonsa ukukhanya okungesikho embuzweni wabo obahluphaya. Ngakho Nkosi Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele waKho uzohamba phezu kwethu futhi uzokwembula lezizinto, ngokuba kulotshiwe emiBhalweni, “Celani khona nizakuphiwa; futhi funani khona nizakufumana; ngqongqothani khona nizakuvulelwa.” Futhi yilokho esikwenzayo manje, Nkosi, singqongqoza emnyango waKho wesihawu. Simi ethunzini lobulungiswa baKho bobuNkulunkulu, sincengela iGazi likaKristu kaNkulunkulu nokoMoya oNgcwele.

<sup>28</sup> Futhi asizi kulobubusuku ngenxa yokuthi nje sisukile kulobobusuku obuthathu bokushumayela ngoMoya oNgcwele, siza ngokujule ukwedlula konke kokuzithoba ngenhlonipho nobuqotho. Siza ukuthi sengathi lobu bekungubusuku bokugcina esiyoke sibe nabo emhlabeni. Siza sikholwa ukuthi Uzophendula imikhuleko yethu. Futhi Nkosi, sicela Wena manje ukuba usenelise ngokuPhila kwaKho okuPhakade. Nasekuphenduleni iZwi laKho, kwangathi uMoya oNgcwele. . . O Nkulunkulu, njengoba sitholile ukuthi nguWe uqobo lwakho phakathi kwethu, sikhulekela ukuthi Uzokwembula kithi kulobubusuku izinto esizifisayo. Futhi sifisa kuphela ukuze imiphefumulo yethu ibe sekuphumuleni, nemiqondo yethu ibe sekuthuleni, futhi sinokukholwa kuNkulunkulu ukuba sihambe siye phambili ukubiza izithembiso Azethembisa. Sicela lokhu eGameni likaJesu. Amen.

<sup>29</sup> Manje, nginayo yonke imibuzo enginikwe yona, ngaphandle kowodwa. Futhi ngimphendulile uMfowethu Martin omncane ongibuze umbuzo ebusuku bakuthangi, owodwa nje. Bekuneminingi lapha izolo ebusuku, kodwa bekuyizicelo zomkhuleko. NoMfowethu Martin ungibuze umbuzo ngoJohane 3:16—noma uJohane 3, ngiyakholwa, ngokuthi, “Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angewubone uMbuso,” futhi wawuqhathanisa neteyipu engayithumela kumaHeberu. Futhi ngihlangane naye ekamelweni elingemuva lapha izolo kusihlwa, futhi—ngaphambi kokuba ngithole ithuba lokumphendula, kwase kuthi—ke ngenza lapho, endabeni.

<sup>30</sup> Manje, ngabe bakhona lapha obengekho lapha izolo ebusuku, asibone izandla zenu, obengekho lapha izolo ebusuku. O, thina, qiniso sifise sengathi ngabe beninathi. Sibe nesikhathi esihle kakhulu ngempela. UMoya oNgcwele. . .

<sup>31</sup> Ngingahle, okomzuzu nje. . . Akuzukulimaza. Lokhu kuyateyishwa. Futhi uma noma yimuphi umfundisi kwenzeka a—noma umuntu kwenzeka angavumelani kulokho engilungiselela ukukusho manje, noma ngisho nasemibuzweni, ngiyacela, mfowethu, ukuthi awuzukukucabanga kungokuxakile, kodwa ukuthi—khumbula ukuthi leteyipu yenziwa etabernakele lethu lapha. Sifundisa kubantu bakithi. Abefundisi abaningi bezinkolo ezehlukene bahlezi bezungezile. Futhi ngithanda ukungena endabeni futhi, ngokuba kunabanye babantu bakithi abangakwazanga ukungena izolo ebusuku engibona ukuthi bakhona kulobubusuku. Futhi ngithanda ukwedlula umzuzwana nje, uma nizokuvumela, phezu kwalokho engikhulume ngakho izolo kusihlwa; nalokho bekuphezu kwePhentekoste, phezu kokwemukela uMoya oNgcwele.

Manje, ngifunda ehumushweni lesiGrekini i*Emphatic Diaglott*, lapho ebengikhona izolo kusihlwa, elibekwe livuliwe phambi kwami manje. Lelo yihumusho lasekuqaleni elisuka esiGrekini liya esiNgisini. Aledluli kwabanye abahumushi,

li—namanye amahumusho, liqonda ngqo lisuka esiGrekini liya esiNgisini. Manje, amagama esiNgisi, izikhathi eziningi linencazelo enjalo kuwo, njengoba nje bengingathi manje, *ibhodi*. Thatha lelogama *ibhodi*. Ubungathi, “Awu, ubechaza ukuthi besimkhathaza.” Qhabo! “O, u—ukhokhe *isikweletu* sakhe.” Qhabo! Awu, u... “*Yibhodi* ngasohlangothini lwendlu.” Awu, niyabo? Noma yiliphi lalawo... Kunamagama amane noma amahlanu ehlukena abengasetshenziswa; ufanele uthole umusho. Igama *ukubona*. *Ukubona* kuchaza “ukuqonda,” ngesiNgisi. *Ulwandle* kuchaza “ubungako bamanzi.” *Ukubona* kuchaza “ukubuka.” Niyabo? Kodwa kulamahumusho, igama lapha lisetshenzisiwe, engikhulume ngalo izolo ebusuku eZenzweni isahluko 2, lapho okuthi, “Izilimi zomlilo zahlala phezu kwabo...” Manje, ngithanda nje ukubuyela emuva umzuzwana nje. Ningathanda uku, umzuzwana nje, futhi ngithi ukukubuyekeza umzuzwana ngaphambi kokuba siqhubekele phambili na?

<sup>32</sup> Manje, phenyani, nina kwiKing James yenu kumbe noma yiliphi ihumusho enifunda kulo... Futhi ngifuna ukukufunda. Futhi lalelisisani ngempela manje. Ningaqondi ngokungesikho. Abaningi namhlanje, ngisho nodadewethu, abaningi babo bashayile, bathi... uNkk. Morgan... Abaningi babo ubekhona izolo kusihlwa. UNkk. Morgan ungomunye woadewethu owayesedeliwe; futhi wayesohlwini lwabafuleyo eLouisville ishumi nesithupha, iminyaka eyishumi nesikhombisa edlule enomdlavuzo. Ngicabanga ukuthi uhlezi emuva lapha futhi kulobubusuku. Akakwazanga ukuzwa, washo, ngoba bengikhulumela ngqo kwimayikrofoni. Futhi ngenxa yabo ngifuna ukubuyela kulona umzuzwana.

<sup>33</sup> Manje, ngifunda kulomBhalo weZenzo 2:

*...selufikile ngokugcwele usuku lwePhentekoste, bonke babesemqondwemi munye...* (Manje, ngiyakuthanda lokho kangcono kuno nhliziyonye: ngoba ungaba nhliziyonye phezu cishe impela kwanoma yiluphi udaba, kodwa lapha umqondo wabo wawufana)...mqondo *munye futhi besendaweni efanayo.*

*Futhi ngokungazelelwe kwavela ezulwini inhloko, njengo moya odlovayo uvunguza, futhi wagwalisa... indlu yonke ababehlezi kuyo.* (Bengaguqile, bengakhuleki, kodwa behlezi)... .

*...Izilimi ezahlukanisiwe... (I-z-i-l-i-m-i—izilimi. “Hlukanisiwe” kuchaza “okwabiwe.”)... Izilimi... zabonakala kubo...njengo...mlilo, nolulodwa... (“Olulodwa,” ubunye)...lwaphumula phezu kwalowo nalowo kubo.*



*Futhi bonke bagcwala... (“Futhi,” isihlanganiso)... bonke bagcwala uMoya oNgcwele, futhi baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela.*

Manje kwakwakhile abaJuda eJerusalema, amadoda akholwayo, evela ezizweni zonke phansi kwezulu.

...kwathi kwa... nalombiko usatshalalisiwe, uquqaba lwabuthana, futhi lwawiliza, ngoba... wonke umuntu wezwa u... ekhuluma ngolimi lwakubo.

<sup>34</sup> Manje qaphelani! Ngenkathi kufika umlilo, kwakuyizilimi; ngenkathi bekhuluma, kwakululwimi. Manje, kunokukhulu kakhulu ukwehluka phakathi kwezilimi nezilwimi. Kithina konke kuyafana. Kodwa, esiGrekini, “ulimi” kuchaza *lokhu*. [UMfowethu Branham uyafanekisa—Umhl.] Indlebe yi *lokhu*. Niyabo? Lokho akuchazi ulwimi; kuchaza ingxenye yomzimba wakho elulimi. Uma uqaphela, kuhunyushwe kwathiwa *izilimi zomlilo* okuchaza ukuthi “njengezilimi,” njengokukhotha komlilo nje, ilangabi elide lomlilo. Manje, bhekisisani isigcizelelo manje. Futhi ngayinye yalezozindawo manje, ningakukhohlwa.

<sup>35</sup> Manje, sizonikeza okusamdalo wasesiteji okuncane kulobubusuku. Futhi ngizokushiyela kini. Manje khumbulani, uma noma yini iphambene, lokho kukini. Kodwa indlela kuphela noma yimuphi umuntu angathola ngayo noma yini evela kuNkulunkulu ingokukholwa. Futhi ngaphambi kokuba unga...

<sup>36</sup> Ngifanele ngazi ukuthi ngenzani ngaphambi kokuba ngibe nokukholwa kulokho engikwenzayo. Wamshadelani umkakhona na? Wawunokukholwa kuye. Wawumvivinyile, wambhekisisa, wabona ukuthi uvela kuphi, ukuthi wayengubani. Kungaleyondlela ngomBhalo, ngoNkulunkulu. Yilokho okwenza lemibono, i—leNsika yoMlilo, zonke lezizinto, ngoba uNkulunkulu wakwethembisa. UNkulunkulu washo njalo. NgiMhlolile ngeZwi laKhe futhi ngiyazi ukuthi LiyiQiniso. Futhi landelani iZwi laKhe. Khona-ke uma kunokudideka okuncane ndawondawo, khona-ke kunento ethile engalungile ndawondawo. Isizathu uNkulunkulu (lalelani!)—uNkulunkulu akakaze akwenze noma akasoze asebenze aphume kweyaKhe uqobo—noma aphambane nemithetho yaKhe uqobo. Ubusika bungeke bufike ehlobo, nehlobo lingeke lafika ebusika. Amaqabunga angeke awohloka ngesikhathi sasentwasahlobo bese eyavela futhi ekwindla. Ungeke nje wakwenza.

<sup>37</sup> Njengoba ngishilo izolo ebusuku ngomfula ophethuzayo, unisela ukudla kwakho okusanhlamvu. Noma uma umi phandle lapha phakathi nensimu, futhi kumnyama bhuqe, futhi uthi, “O, gesi omkhulu, ngiyazi usensimini. Manje, ngilahlekile, angazi ukuthi ngiyaphi. Khanya, ukuze ngikwazi ukubona

ukuthi ngihambe kanjani! Kunogesi owenele ukukhanyisa insimu nge.” Lelo yiqiniso. Yebo, mnumzane! Kunogesi owenele kulelikamelo ukulikhanyisa ngaphandle ngisho kwalezozibani, ngaphandle kwalokho. Kodwa ufanele ukubuse. Manje, ungahle uklabalase kulokho uze ungabe usakwazi ukuklabalasa, awusoze wakhanyisa nge. Kodwa uma usebenza ngokwemithetho kagesi, khona-ke uzokuthola ukukhanya.

<sup>38</sup> Awu, yileyondlela efanayo okungayo ngoNkulunkulu. UNkulunkulu unguMdali omkhulu wamazulu nomhlaba, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Usalokhu enguNkulunkulu. Kodwa Uyosebenza kuphela njengoba ulandela imithetho yaKhe neziyalo. Bangane, ngisho lokhu: angikaze ngikubone kwehluleka, futhi angeke.

<sup>39</sup> Manje, asiqaphele. UJesu kuLuka 24:49 wayethume abaphostoli emva kokuba babekade sebesindisiwe futhi bangcweliswa ngokweZwi; balungisiswa ngokukholwa eNkosini uJesu; bangcweliswa kuJohane 17:17 ngenkathi uJesu ethi, “Bangcwelise, Baba, ngeQiniso. IZwi laKho liyiQiniso.” Futhi WayeyiZwi.

<sup>40</sup> Manje, wabanika amandla ukuba baphilise abagulayo, bakhipe amademoni, bavuse abafileyo; futhi babuya bethokoza. Namagama abo ayeseNcwadini yokuPhila yeWundlu. Niyakhumbula ukuthi sedlule kanjani kulokho manje. Kodwa babengakaphenduki nokho. UJesu watshela uPetru ngobusuku bokubethelwa kwaKhe; Wathi, “Emva kokuba usuphendukile, khona-ke uqinise abafowenu.”

<sup>41</sup> UMoya oNgwele uyilokho...Ukholwa ekuPhileni okuPhakade, kodwa nxa uMoya oNgwele ufika UngukuPhila okuPhakade. Ukholwa eku...Ukhoniswa nguMoya ekungcwelisweni, kodwa awukaze uzalwe ngoMoya uze uMoya oNgwele ungene. Lokho kuqinisile. Ingane inokuphila esizalweni sikamama, imisipha emincane iyadikiza; ngukuphila. Kodwa ngukuphila okwehlukile nxa iphefumula umoya wokuphila emakhaleni ayo. Kungukwehluka. Kuyilokho-ke, kuyi...

<sup>42</sup> Mfowethu othandekayo oyiMethodisti, nePilgrim Holiness, neNazarene, umbhaphathizo kaMoya oNgwele wehlukile ekungcwelisweni. Ukungcweliswa kungukuhlanza, okungukulungiselelwa kokuPhila. Kodwa nxa uMoya oNgwele ufika, UngukuPhila. Ukulungiselela ngukuhlanzwa kwesitsha; uMoya oNgwele ngukugwalisa isitsha. *Ukungcweliswa* kuchaza “okuhlanziwe kwase kubekwa eceleni ukwenzela inkonzo.” UMoya oNgwele usibeka enkonzweni. Uyisitsha uNkulunkulu asihlanzile.

<sup>43</sup> Futhi siyathola uMoya oNgwele unguNkulunkulu uqobo lwaKhe kuwe. UNkulunkulu wayengaphezu kwakho eNsikeni yoMlilo noMose. UNkulunkulu wayenawe kuJesu Kristu. Manje

uNkulunkulu ukuwe kuMoya oNgcwele. Akukho-nkulunkulu abathathu, uNkulunkulu oyedwa esebenza ezikhundleni ezintathu.

44 UNkulunkulu ezehlisa, ehla esuka ekubeni ngaphezu komuntu. WayengenakuMthinta, ngoba wayonile ensimini yase Edene futhi wazehlukanisa yena uqobo ehlanganyelweni yaKhe. Kwase kwenzekani-ke? Wadingeka abe ngaphezu kwakhe. Igazi lezinkunzi nezimbuzi lalingeke liMvumele ahlanganyele nomuntu futhi; kodwa ngemithetho nezimiso, kubikezela lesisikhathi siza, sokunikela ngezinkunzi ezitheniwe, nokunye nokunye, nezimvu... Kwase kuthi-ke ngenkathi uNkulunkulu ehla futhi wakha emzimbeni ongwelisiwe, ozalwa ngowesifazane oyintombi, ukuthi uNkulunkulu qobo lwaKhe... Niyazi ukuthi uNkulunkulu wenzani na? A—Akenzanga lutho kodwa nje... Wabeka iThende laKhe phakathi kwawethu. UNkulunkulu wakha eThendeni elalibizwa ngoJesu Kristu. Wavele nje wagxumeka iThende laKhe nathi, uba... (Ngizo—ngishumayela ngalokho ekuseni, ngakho kungcono ngikushiye kanjalo.) Manje, lokho—ukuthi kanjani ithende likaNkulunkulu-noma lakha nathi... .

45 Futhi manje uNkulunkulu ukithi. UJesu wathi kuJohane 14, “Ngalolosuku niyakukwazi ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi, naMi ngikini, nani nikiMi.” UNkulunkulu kithi. Kwakuyini inhloso na? Ukuqhuba icebo laKhe.

46 UNkulunkulu wayenecebo. Wayefuna ukusebenza phakathi komuntu, futhi Waliletha eNsikeni yoMlilo, okwabe kunguMlilo oyimfihlakalo owalenga phezu kwabantwana bakwaIsrayeli. Kwase kuthi-ke lowoMlilo ofanayo wabonakaliswa emzimbeni kaJesu. Futhi Wathi WayeyilowoMlilo, “Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA.” WayeyilowoMlilo. Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu.” Futhi emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, uPawulu oNgcwele wahlangana naYe endleleni—ngenkathi igama lakhe lalisenguSawulu—endleleni eya eDamaseku, futhi Wabuye waphindiselwa kuleyoNsika yoMlilo. UkuKhanya kwamkhipha amehlo. Kunjalo.

47 Futhi nangu Ulapha namhlanje, iNsika yoMlilo efanayo, uNkulunkulu ofanayo enza izibonakaliso ezifanayo, imisebenzi efanayo. Ngani na? Usebenza phakathi kwabantu baKhe. Ukithi. Ngi... Unani manje, “kodwa Ngiyakuba kuni. Ngiyakuba nani, ngibe kuni, kuze kube sekupheleni kokupheleliswa,” ukuphela kwezwe. Uyoba nathi.

48 Manje, qaphelani. UJesu wayebathume ukuba benyukele eJerusalema bese belinda. Igama *nihlale* lichaza ukuthi “ukulinda,” alichazi ukukhuleka, lichaza “ukulinda.” Babengakabi yizikhonzi esezifanele ukuthi zishumayeke, ngoba babazi kuphela ukuvuka kwaKhe ngokuba nguMuntu kwaKhe,

kokuMbona ngaphandle. Wa—Wabayala ukuba bangabe besashumayela, ukuba bangezi lutho baze bathi kuqala bagcwaliswe ngaMandla avela phezulu.

Angikholwa ukuthi noma yimuphi umshumayeli uthunywa nguNkulunkulu noma angagcotshwa ngokuyikho... Ngoba uNkulunkulu ungongenasiphelo. Futhi lokho uNkulunkulu akwenza kanye, Ukwenza ngaso sonke isikhathi. Manje, uma UNkulunkulu wayengenakubavumela bashumayeke baze baya ePhentekoste futhi bemukela isehlakalo sasePhentekoste, akukho-muntu, ngaphandle uma isifiso esinye esijulile sakhe uqobo noma enye inhlango imthumile, unelungelo lokungena epulipiti aze ukuba usegcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Kunjalo impela. Ngoba ubahola ngomqondo wokuhlakanipha kwenye inhlango aze agcwaliswe ngoMoya oNgcwele; bese kuthi-ke, ubapha ukudla kwejuba; *IWundlu neJuba*, njengoba sikhulume ngakho izolo kusihlwa.

<sup>49</sup> Manje qaphelani. Wathi, “Yenyukelani eJerusalema bese nihlala lapho; nilinde lapho nje ngize Ngithumele isithembiso sikaBaba.” Kwase kuthi-ke, benzani na? Kwakunekhulu namashumi amabili abo, isilisa nabesifazane. Bangena ekamelweni eliphezulu ethempelini.

Manje, kwase kusondela usuku loMkhosi wePhentekoste, ekuhlanzweni kwendawo engcwele, ukubulawa kwewundlu lomhlatshelo kuze kube ngu—ngukufika kwePhentekoste, okwakululibo lokuvuna, ijubili, ijubili lePhentekoste. Futhi ezakhiweni...

<sup>50</sup> Manje, ngike ngaba semazweni. Amazwe asempumalanga kuyivelakancane ukuba abe nesitezi ngaphakathi. Isitezi sasingaphandle. Ngaphandle kwethempeli, siyatshelwa, kwakunesitezi esasiholela phezulu ekamelweni elincane le ngakhona; wenyuke, futhi wenyuke, futhi wenyuke, uze ufike phezulu ekamelweni elincane phezulu lapho, njengekamelolo kubekelela izimpahla esiqongweni sethempeli, olunye uhlobo lwekamelolo elincane, ikamelolo eliphezulu. NeBhayibheli lasho ukuthi babephakathi lapho neminyango yayivaliwe, ngoba babesaba abeJuda, ngoba babezobenza izicucu ngokukhonza iNkosi uJesu, emva kokuba uKayafase umpri omkhulu, noPontu Pilatu, nabo babeMbulele. Ngakho babezobaqeda bonke labo ababethiwa amaKristu. Neminyango yayivaliwe, futhi babelindile.

<sup>51</sup> Manje, kulawomakamelolo anjalo, akukho-mafastela. Amafastela kwakuyizinto ezincane ezivalwa samigoqo zinokufana neminyango, wawukudonsa ukuvule. Kulawomakamelolo yizibani ezincane zikagilisi ezilengayo futhi zivuthe... Uma uke ube seCalifornia eClifton’s Cafeteria, wehlele phansi endlini engaphansi, futhi uzothola olulodwa lohlobo olufana impela, lwekamelolo eliphezulu. Senake naya

lapho na? Bangaki phakathi lapha oke waba lapho na? Ngibona abantu unqekuzisa ikhanda lakho. Awu, niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Kulungile. Yehlela lapho, futhi uzobona iNsimu yaseGetsemane; ungakakwenzi, uyongena kwamanye alawomakamelo asempumalanga. Lokho yiqiniso impela. Lapho uthola isibani esincane esigcwele amafutha omnqumo nentambo encane yewuli kubekwe kuso, sivutha.

<sup>52</sup> Manje, asithi babephezulu lapho, bekhwela bezungeza kulelingaphandle. Bafika phezulu lapho base becasha, ngoba babesaba abaJuda. UJesu akabatshelanga ukuba baye ekamelweni eliphezulu. Wathi nje, “Lindani eJerusalem.” Babephansi lapha endlini, kul’khuni ukusho ukuthi kwakuzokwenzekani. Babezongena futhi babathole. Ngakho baya ekamelweni elidadlana esitezi esiphezulu, phezulu le lapho ekamelweni eliphansi kophahla endlini enesitezi, futhi lapho, bavala ikamelo ngemigoqo phansi ukuze abaJuda bangakwazi ukungena kubo. Futhi bahlala lapho belinde izinsuku eziyishumi.

<sup>53</sup> Manje, manje, siseZenzweni 1. Manje, lalélisisani manje. Ninaso isithombe na? Ngaphandle kwesakhiwo isitezi esincane senyuka, futhi bahamba bangena kulelikamelo elincane. Phansi ethempelini babenoMkhosi wePhentekoste. O, kwakunesikhathi esikhulu esiqhubekayo. Manje, kwathi sekufikile usuku lwePhentekoste ngokugcwele, bonke babemqondo munye, mqondo munye, bekholwa ukuthi uNkulunkulu wayezothuma lesosithembiso. Makuthi wonke umuntu ophakathi lapha angene kulowomqondo ofanayo kulobubusuku futhi abone ukuthi kwenzekani. Kuzofanele kuphinde. Yisithembiso ngokufanayo nje njengoba babesano. Niyabo?

<sup>54</sup> Babenzani na? Belandela iziyalo, belandela i—i—imithetho kaNkulunkulu: “Lindani nize. . .”

<sup>55</sup> Manje, babenokwesaba abaJuda. Manje, kukhumbuleni lokho. Babesaba abaJuda. Manje, ngokungazelelwe kwavela inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya. Kwakungekuvunguza komoya; kwakungathi eyokuvunguza komoya. Ngizofunda izithasiselo nje emizuzwini embalwa kumhumushi. Kwakungathi eyokuvunguza komoya. Ngamany’amazwi, kwakungumoya ongaphezu kwemvelo (o!), into ethize ababekwazi ukuyizwa. Umoya wawungaphakathi kubo. Kuvela u—ukuvunguza komoya, ngokungathi eyokuvunguza komoya. Umoya wawungavunguzi, kodwa nje wezwakala njengokuvunguza komoya, njengento ethize ihamba: Whewu! Senake nakuzwa na? O, he! Ngokungathi eyokuvunguza komoya. Manje bhekisisani. Futhi yona yagcwalisa. . . Manje, phakathi lapha kwathi “yonke i,” kodwa esiGrekini kwathi “Yonkana (uY-o-n-k-a-n-a Omkhulu), iNdlu Yonkana,” ndawo zonke phakathi lapho. Yonke imiklayeko, ikhona, nomfantu kwabonakala kugcwele wona. Kungesikho ukuthi, “Ake

nisho, Bazalwane, niyakuzwa engikuzwayo na?” Qhabo! Kwakundawo zonke, kungathi ukuvunguza komoya. Manje bhekisisani. “Kwavela inhlokomu kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla kwase (isihlanganiso. Manje babhekisiseni labo “okwase.” Uma ungabhekisisi, uKwenza kusho into ethize Okungayisho. Niyabo?)—futhi njenge (yilokho okwenzekile kuqala kwaba yinhlokomu, into ethi ayifane neyo—yokuvunguza komoya iza phezu kwabo)—futhi (niyakhumbula, izolo ebusuku ngiye kwigrosa ngase ngithenga ulofu wesinkwa nyenama ethize. Leyo yinto ethize ehambe nakho. Isinkwa yinto eyodwa, inyama okunye. Nenhlokomu yayiyinto eyodwa eyabaxaka)—futhi kwase kubonakala kubo, (phambi kwabo) izilimi—izilimi ezehlukanisiwe.”

<sup>56</sup> Ngabe noma ubani phakathi lapha wake wayibona *IMiyalelo Eyishumi* kaCecil DeMille na? Naqaphela ngenkathi iMiyalelo wawulotshwa na? Ukuthi wakubamba kanjani, ngangingazi. Kwakukhona izinto ezimbili noma ezintathu engizibonile kukho engazithanda ngempela. Into yokuqala yilokho kukhanya okulhlaza, lokho Kwakubukeka kanjalo impela. Niyabo? Enye into kwakungenkathi uMyalelo ulotshwa, futhi emva kokuba wawusuphelile, naqaphela ukuthi okubhiza kusuka kuleyoNsika yoMlilo enkulu, kwakukhona izinkotha zomlilo ezincane zibhiza na? Nakuqaphela lokho na? Manje, yilokho engicabanga ukuthi lokhu kwakuyikho ePhentekoste. Kwase kubonakala kubo... Ngakho babekwazi ukuKubona. Alishongo ukuthi, “Kwase kwehlela phakathi kubo.” Kodwa kwase kubonakala kubo izinkotha (sizokubiza kanjalo), izilimi, njengolimi njengalolulimi lapha, [UMfowethu Branham uyatshengisa—Umhl.], ukuma kolimi, inkotha yomlilo. Manje, indlebe—njengoba ngishilo, indlebe yindlebe; umunwe ngumunwe. Umunwe awuchazi ukuthi ukuzwe ngokuthinta; kuchaza ukuthi kwakubukeka njengomunwe. Futhi uma kwakuyindlebe, kwakungachazi ukuthi bakuzwa; kwakubukeka njengendlebe. Lona kwakungumlilo owawubukeka njengolimi, kungesuye omunye umuntu ekhuluma, umlilo owawubukeka njengolimi.

<sup>57</sup> Manje, lalalani. Bhekisisani ukuthi isiGriki sikufunda kanjani lapha:

*Futhi ngokungazelelwe kwavela inhlokomu... kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla... (Ele 3—ivesi le 3.)*

Futhi izilimi ezahlukanisiwe zabanakala kubo,... (Akusikho ukuthi izilimi ezahlukanisiwe zazikubo, noma babekhuluma ngezilimi ezahlukanisiwe; kwakuyizilimi ezahlukanisiwe ezabanakala kubo. Manje, bhekisisani. Akukabibikho phezu kwabo okwamanje. Kulapho ekamelweni, kushaya indingilizi njengakulomoya)... kubo... njengo... mlilo...

*izilimi ezahlukanisiwe...zabonakala kubo...*(lokho kungukuthi ngaphambi kwabo) *njengo...* *mlilo*, (izilimi njengomlilo) *nolulodwa* (ubunye) lwaphumula phezu kwalowo nalowo *kubo*. (Aluhambanga lwangena kubo; kodwa lwaphumula phezu kwabo.)

58 Manje, bonani ukuthi iKing James iyokuntshinga kanjani lokho: “Nezilimi ezahlukeneyo zifika phezu kwabo, noma zaphumula (kufundeka kanjani kwiKing James lapho na?) zahlala phezu kwabo.” Niyabo? Manje, lwalungeke lwenyukela lapho bese luhlala phansi. Siyakwazi lokho. Kodwa elasekuqaleni lathi, “Lwaphumula phezu kwabo,” ngiyakholwa; alinjalo na? Ake ngikuthole ngokuyiqiniso ncamashi. Ya! “. . . phumula phezu kwalowo nalowo kubo.” Ulimi olulodwa lomlilo lwaphumula phezu kwalowo nalowo kubo. Niyabona lapho na? Niyakuthola na? Leyo yinto yesibili eyenzekile. Kuqala kwaba ngumoya, kwase kuba ngukubonakala kwezilimi zomlilo.

59 Kwakukulelikamelo elincane lapha nalezizibani ezincane zikagilisi zivutha. Cabangani ngabo behlezi phezulu lapho. Nomunye uthi, “O!” Waqalaza kuso sonke isakhiwo; kwakukuso sonke isakhiwo. Base bethi-ke, “Bukani!” Izilimi zomlilo ziqala ukuza zizungeza isakhiwo. Manje bhekisisani. Kwase kubonakala lezizilimi zomlilo.

Manje bhekisisani okulandelayo:

*Base* (Esinye isihlanganiso; kwenzeka enye into ethize.) *bonke begcwala uMoya oNgcwele...* (Into yesibili eyenzekile.)

60 Manje niyabo, sifuna ukukushintsha lokho ngapha sithi, “Babenezilimi zomlilo, nalapha behamba benkwankwaza; base-ke bephuma futhi baqala ukukhuluma ngolimi olungaziwa.” Ayikho into enjengaleyo emiBhalweni, mngani. Noma yimuphi okhuluma ngolimi olungaziwa phezu kokwemukela uMoya oNgcwele ukwenza ngokuphambene neBhayibheli. Futhi ngizokhombisa kini emizuzwini embalwa futhi ngifakazise kini ukuthi ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi ezingaziwa, kodwa hhayi ekwemukeleni uMoya oNgcwele. Leso yisiphiwo sikaMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele unguMoya.

61 Manje bhekisisani. Lezizilimi zazisekamelweni njengomlilo, futhi lwahlala phezu kwalowo nalowo. Base-ke begcwala uMoya oNgcwele (into yesibili), kwase kuthi-ke, emva kokuba base begcwale uMoya oNgcwele, bakhuluma ngezilimi, hhayi ngezilimi, ngezilwimi. Nikuqaphelile lokho na? Baqala ukukhuluma ngezinye izilwimi njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela. Manje, lokhu kwezwakala umdumo.

62 Manje bhekisisani. Manje, asithole isifanekiso futhi khona ningeke nakukhohlwa manje. NgokomBhalo, ekamelweni eliphezulu belindile, ngokungazelelwe inhlokomo

kwangathi eyokuvunguza komoya, eyayiphezu kwabo; lowo kwakunguMoya oNgcwele. Bangaki okholwayo ukuthi lokho kwakungukubonakala kukaMoya oNgcwele na? Kwangathi umoya, umoya ongaphezu kwemvelo. Base-ke beqaphela. Futhi phandle phakathi lapho kwakuyizilimi ezincane zomlilo, ikhulu namashumi amabili azo, futhi ziqala ukuzinza zase zihlala phezu kwalowo nalowo kubo. Kwakuyini na? Kwakuyini na? INsika yoMlilo, okwabe kunguNkulunkulu uqobo lwaKhe ezahlukanisa uqobo lwaKhe phakathi kwabantu baKhe, engena kubantu. UJesu wayenento yonkana; WayenoMoya ungenasilinganiso; siWuthola ngesilinganiso (Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na?), ngoba singabanesimo sobuntwana. UkuPhila kwaKhe—ukuPhila kwaKhe okuPhakade kwakungena. Manje, kwenzekani na? Base begcwala bonke uMoya oNgcwele.

<sup>63</sup> Manje, ngifuna ukunibuza into ethize. Laqala nini ihemuhemu na? Uma babedingeka baphume kulelokamelo eliphezulu ukuba behle ngalezo zitebhisi futhi baphumele emagcekeni asezindlini zamakhosi—noma baphumele e—emagcekeni ethempeli, okwakuthi akucishe kube yibanga elingangendlu yasedolobheni lapho ababekhona, esitezi esiphezulu naphansi, phandle emagcekeni lapho bonke abantu babebuthene khona ndawonye... Futhi baphuma lapho sengathi badakiwe beseMoyeni. Ngokuba abantu bathi, “Lababantu bagcwele iwayini elisha.” Babengakaze bayibone noma yini into enjengayo.

<sup>64</sup> Futhi ngamunye wayezama ukuthi, “UMoya oNgcwele usefikile. Isithembiso sikaNkulunkulu siphezu kwami. Ngi—ngigcwaliswe ngoMoya.” Naye engowaseGalile, indoda ayekhuluma kuyo, owaseArabiya noma umPeresiya, wamuzwa ngolwimi lwakubo.

<sup>65</sup> “Yini ukuba sizwe (hhayi ulimi olungaziwa)—yini ukuba sonke ngabanye sizwe ngolimi lwakithi esazalwa nalo. Bonke laba abakhulumayo abasibo abaseGalile na?” Futhi mhlampe babekhuluma isiGalile... Kodwa ngenkathi beluzwa, kwakungolwimi abazalwa nalo. Uma kungenjalo, ngifuna ningibuze—ningiphendulele lombuzo: Kwabakanjani ukuthi uPetru wasukuma lapho wayesekhuluma ngesiGalile, nesigejane sonkana sakuzwa ayekusho na? Imiphefumulo eyizinkulungwane ezintathu yeza kuKristu khona lapho noPetru ekhuluma ngolwimi olulodwa. Impela! KwakunguNkulunkulu enza isimangaliso. UPetru, ezethamelini ezifanayo ezazenziwe ngabahlali baseMesopotamiya, nezihambi, namaproselite, nayo yonke into evela ezweni lonkana jikelele wayemi lapho... NoPetru emi futhi eshumayela ngolwimi olulodwa, futhi bonke ngabanye bamuzwa, ngokuba izinkulungwane ezintathu zaphenduka futhi yabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu khona masinya. Kukanjani lokho na?



<sup>66</sup> Niyabo, bangani, ngeke ngalindela ukuba owami wehlelo, umfowethu oyiPentecostal ukuba avume lokho khona manje. Kodwa landela umkhondo walokho eBhayibhelini lonke bese ungitshela noma isiphi isikhathi lapho abake bemukela khona uMoya oNgcwele futhi bakhuluma ngolimi ababengazi ukuthi babekhuluma ngalo. Futhi uma leyo kwakuyindlela abaWuthola ngayo lapho, uNkulunkulu ozibusayo... Kuzofanele kwenzeka ngaso sonke isikhathi ngendlela efanayo.

<sup>67</sup> Manje, angeke nga...Manje, endlini kaKorne... Siyakhumbula, ngenkathi sehlela eSamariya, izolo ebusuku, sithole ukuthi kwakungekho neyodwa into eyaqoshwa ngabo bezwa nganoma yiluphi olunye ulimi, akukho lutho olwashiwo ngakho. Kodwa ngenkathi beya endlini kaKorneliyu, lapho okwakukhona ubuzwe obuthathu babantu, bakhuluma ngezilimi. Futhi ngenkathi benza, uma benza, baWuthola, uPetru washo, indlela efanayo abaWuthola ngayo ekuqaleni. Futhi babazi ukuthi abeZizwe babemukele umusa kuNkulunkulu, ngoba babemukele uMoya oNgcwele njengoba nje benza ekuqaleni. Nginombuzo lapha, into ethize ngalokho emizuzwini embalwa. Bengifuna ukubeka isisekelo, ukuze nizobona ukuthi kuyini.

<sup>68</sup> Manje, ngeke ngalindela ukuba abantu ofundiswa okwehlukile...Futhi ngilaleleni, bathandekayo bami, abaligugu, bazalwane bePentecostal. Ngeke ngakufundisa lokhu ngaphandle. Lokhu yi...Ngeke ngenza lutho ukubangela ukuphikisana. Kodwa uma singalitholi iQiniso, sizozalisa nini na? Sizofanele sibe nento ethize ukuba yenzeke lapha ukusiqondisa. Sizofanele sithole umusa wohlwitho lapha manje. IQiniso lizofanele livele.

<sup>69</sup> Indoda ibingenzani ukuba ibiyisithulu, nesimungulu, futhi ingakwazi nhlobo ukukhuluma na? Ibingamemukela uMoya oNgcwele na? Ukuba-ke ibingenalo ulimi kwasekuqaleni nje, nomfo bandla ubefuna ukusindiswa na? Niyabo? NguMoya oNgcwele, ngumbhaphathizo. Bese kuthi-ke, zonke leziziphiwo njengokukhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, kusemva kokuba usungene eMzimbeni ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ngokuba lezoziphiwo ziseMzimbeni kaKristu.

<sup>70</sup> Manje, isizathu ngisho...Manje, bukani lapha. Ubungalindela ukuba ibandla eliKatolika, elaba yibandla lokuqala elihleliwe ezweni emva kwabaphostoli...Kwase kuthi-ke ibandla eliKatolika lahlelwa, o, iminyaka engamakhulu amaningana emva kokufa komphostoli wokugcina, ethize engamakhulu ayisithupha ne—minyaka emva kwabaphostoli, ngqo emva koMkhandlu waseNayisiya, ngenkathi obaba baseNayisiya bebuthana ndawonye base behlela; base-ke bebeka ibandla lomhlaba wonke, okwakuyibandla eliKatolika. Phakathi lapho bamisa ibandla

lezwe. Negama elithi *katolika* lichaza “umhlaba wonke”; lokho kusezindaweni zonke. Ba...iRoma—iRoma lobuhedeni laphendukela eRoma lobupapa. Base bemisa upapa ukuba abe yinhloko ukuba athathe indawo kaPetru, abacabanga futhi bathi uJesu wanikeza izihluthulelo kuwo uMbuso. Nokuthi upapa wayengenakuphosisa, futhi unjalo namanje namhlanje ebandleni eliKatolika. Lokho...Izwi lakhe lingumthetho nenqubo. Ungupapa ongenakuphosisa. Lokho kwedlula.

<sup>71</sup> Kwase kuthi-ke, ngenxa yokuthi babengenakuvumelana nalemfundiso yeKatolika, babebulawa, bashiselwe esigxotsheni, nayo yonke enye into. Sonke siyakwazi lokho ngemibhala engcwele kaJosephus, ne*Ncwadi kaFox yabaFelukhoho*, neminingi yeminye engcwele...EkaHislop ethi *amaBabiloni Amabili*, nemi—milando emikhulu. Manje-ke, ku—emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nanhlanu, njengoba sazi, yeziKhathi zoBumnyama, iBhayibheli lathathwa kubantu. Futhi La—Lafihlwa yindela lesilisa elincane, nokunye nokunye, siyaqonda.

<sup>72</sup> Kwase kuthi emva kwalokho kufika inguquko yokuqala okwabe kunguMartin Luther. Wayesephuma wayesethi isidlo iKatolika elisibiza ngomzimba—umzimba wangempela kaKristu, sasimele kuphela umzimba kaKristu. Wayesesiphosa emshayweni we altare isidlo, noma ezitebhisini, wayesenqaba ukusibiza ngomzimba wangempela kaKristu, wayeseshumayela, “Olungileyo uzakuphila ngokukholwa.” Manje, ungeke walindela ibandla eliKatolika ukuba livumelane naye, impela ngeke, uma inhloko yabo engenakuphosisa ibatshela ukuthi qhabo. Kulungile.

<sup>73</sup> Kwase kuthi-ke emva kukaMartin Luther, eshumayela ukuLungisiswa, uJohn Wesley uyafika eshumayela ukuNgweliswa. Futhi washumayela ukuthi umuntu, emva kokuba eselungisisiwe (kulungile) kodwa ufanele ungcweliswe, uhlanzwe, impande yobubi ikhishwe kuwe ngeGazi likaJesu. Manje, ungeke walindela ukuba amaLuthela ashumayele ukuNgweliswa, ngoba awazukukwenza.

<sup>74</sup> Emva kokuba uWesley eseshumayele ukuNgweliswa, nokuningi ukuqembuka okuncane kukho, okufika kube yi, Methodist kaWesley, neNazarene, nokunye nokunye, okwagcina umlilo uvutha onyakeni wabo, kwase kufika iPhentekoste yase ithi, “Ngani, uMoya oNgcwele ungumbhaphathizo, futhi sikhuluma ngezilimi uma siWuthola.” Impela. Kwase kuthi ngenkathi lokho kufika, wawungeke ulindele ukuba amaNazarene, namaMethodisti kaWesley, nokunye nokunye ukuba akukholwe lokho. Ayengeke akwenze. Akubiza ngodeveli. Kulungile. Kwenzekani na? Baqala ukuwa; iPhentekoste iqala ukudlondlobala. Manje isidlondlobale yafika endaweni iPhentekoste isize yathola ukuzanyazanyiswa kwayo. Isihleliwe

yase iphuma, ayemukeli lutho olunye. Banemigomo nemibandela yabo uqobo, nalokho kuyakuxazulula.

<sup>75</sup> Manje, nxa uMoya oNgcwele ungena futhi wembule iQiniso lanoma yini futhi ukufakazise ngoBukhona baKhe uqobo nangeZwi laKhe, ungeke walindela ukuba abantu bePentecostal bathi, “Ngizovumelana nakho.” Ufanele ume wedwa njengoba kwenza uLuther, njengoba kwenza uWesley, nanjengoba kwenza bonke abanye babo. Ufanele ume kulokho ngoba ihora lilapha. Futhi yilokho okungenza ngibe yichwane elibi ledada. Yilokho okungenza ngehluke.

<sup>76</sup> Futhi angikwazi ukuthola ukuthi ngiqale njengoligugu wami uMfowethu Oral Roberts, noTommy Osborn, uTommy Hicks, nabo, ngoba amabandla awayikuvumelana nami. Athi, “Ukholelwa ekuphepheni okuphakade. UyiBaptisti. Akakholelwa ekukhulumeni ngezilimi njengobufakazi obubonakalayo bokuqala bukaMoya oNgcwele. Dedani kulowomfo!” Niyabo?

<sup>77</sup> Kodwa ukuza babhekane nakho ubuso nobuso. Kuba amahloni. Bangabhekana namaLuthela, i-iMethodisti ingakwenza. IPentecostal ingabhekana neMethodisti. Ngingabhekana nePentecostal ngakho. Kuqinisile impela. Kuyiqiniso. Kungani na? Sihamba ekuKhanyeni njengoba EsekuKhanyeni. Niyabo? Senyuka ngoMgwaqo omkhulu weNkosi, futhi kuza kuqhubekela phambili, kunikezwa umusa omningi, kunikezwa amandla amaningi, kunikezwa okungaphezu kwemvelo okuningi. Futhi silapho. Leli yihora ukuya lapho uMoya oNgcwele wehle khona ngesimo sokuKhanya njengoba Wayenjalo ekuqaleni, iNsika yoMlilo, futhi Uzibonakalisile, enza zona impela izinto ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni. NoJesu wathi, “Nazi kanjani ukuthi ngabe baqinisile noma abanjalo na? Niyakubazi ngezithelo zabo. Okholwa kiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

<sup>78</sup> Manje, bazalwane bami bePentecostal. Nginani. Ngingomunye wenu. Nginawo uMoya oNgcwele. Ngikhulumile ngezilimi, kodwa angikutholanga phezu kokwemukela uMoya oNgcwele. Nginombhaphathizo kaMoya oNgcwele; ngakhuluma ngezilimi, ngaprofetha, ngaba neziphiwo zokwazi, ukuhlakanipha, ukuhumusha okuningi, nazo zonke izinto zenzeka. Kodwa ngiphansi kwanoma yiziphi zalezizinto, ngoba manje sengingumntwana kaNkulunkulu. Amandla, uMlilo kaNkulunkulu usemphefumulweni wami; lololimi loMlilo olwahlala phezulu—lungena kwingaphakathi lami futhi lwashisa lwakhipha yonke into eyayiphambene noNkulunkulu, futhi manje ngiholwa nguMoya waKhe. Ubengathi, “Yana *lapha*,” futhi ngiyoya. “Yana *lapha*”; ngiyoya. “Khuluma *lapha*”; ngiyokhuluma. “Futhi yenza *lokhu, lokho, nokunye*.”

Nakho lapho okhona, nje njenge. . . Uholwa nguMoya. Lowo nguNkulunkulu kuwe, esebenza intando yaKhe. Akunandaba ukuthi kuyini, Usebenza intando yaKhe.

<sup>79</sup> Manje, lalalani. Ake ngibone ngifunde lapha ngaphambi kokuba siqale imibuzo kwincwadi echasisa amazwi lapha. Manje, kusukela eHumushweni iVatican, Volum 7, 190—1205:

“Kunzima ukuqinisa ukuthi noma ngabe kwakuyiphimbo lalabobantu bekhuluma ngolwimi lwakwelinye izwe; noma umbiko noma ihemuhemu lomsebenzi wokuvumelana womoya ongaphezu kwemvelo uvunguza okwaxhuxhumisa isixuku.”

Babengenakukuqonda. Manje bhekisani. Noma ngabe kwakungabantu. . .

<sup>80</sup> Ngizofanekisa nje. Nasi isigejane sabampofu, abaseGalile abangamahlimbihlimbi. Futhi nampa baphandle lapho esitaladini. Abakaze babone noma yini into enjengakho: izandla zabo ziphakeme emoyeni, bavela kulelokamelo eliphezulu, behla ngalezozitebhisi, baphumela lapho, nje begwalisiwe; babengakahlumi neze nokho. Niyabo? Nampa behla bedabula lapho. Futhi manje, ake sithi, babephandle lapho behamba bediyazela kulokhu. Nabantu bathi. . . UmGreki wagijima wenyukela kimi futhi, uthi, ngikhuluma isiGalile.

Ugijima wenyukela kuye futhi uthi, “Futhi yini indaba ngawe, Mfana na?”

<sup>81</sup> “Ngigwaliswe ngoMoya oNgewe. Amandla kaNkulunkulu ehlele phezulu lapho kulelokamelo. Into ethize yenzeke kimi. O, Udumo kuNkulunkulu!”

Nomunye ngapha, wayekhuluma kowaseArabiya, futhi yena engowaseGalile esho ulwimi lwesiArabi—Arabi.

<sup>82</sup> Manje, ngeke basho, ngabe kwakungukuvunguza komoya okwadonsela abantu ndawonye ngenkathi uquqaba luba ndawonye, noma ngabe kwakungukukhuluma ngolwimi lwakwelinye izwe ababelukhuluma na? Manje, iBhayibheli ngempela ali. . . Unezinto ezimbili ongazibhekisisa. Kwakuyikho. . . O—owangaphandle wathi, “Yini ukuba sonke ngabanye sizwe ngolimi lwakithi esazalwa nalo na?” Alishongo ukuthi babelukhuluma, kodwa babeluzwa.

<sup>83</sup> Kwase kuthi iqembu elifanayo, abantu abafanayo, bachaza lokhu. UPetru wagxumela phezulu kwento ethize wayesethi, “Nina madoda aseGalile, nani enakhileyo eJerusalema, makwazeke lokhu kini (abantu bathi babengenalo ulwimi lwaseGalile) makwazeke lokhu kini futhi nibeke indlebe emazwini ami (lwimi luni—luni ayekhuluma ngalo, kubo bonke na?); ngani, laba kabadakiwe njengokucabanga kwenu, lokhu kuseyihora lesithathu lemini, kodwa lokhu kuyilokho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli: ‘Futhi kuyakuthi

ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama. Amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha.” Waqhubeka njalo njalo, wayesethi, “Nina ngezandla ezimbi nibethele iNdodana kaNkulunkulu engenacala. UDavide wayekhulume ngaYo... ‘ngayikushiya umphefumulo waKhe ehayidese, Akayikuvuma ukuba ONgcwele waKhe abone ukubola.” Wayesethi, “Makwenziwe kwaziwe kini ukuthi uNkulunkulu umenzile loJesu ofanayo enambethela kokubili iNkosi noKristu.” Futhi kwathi ukuba bakuzwe lokhu... Amen! Ubani? Bonke ngabanye phansi kwamazulu. Kwakwenzekani na? Wayengathi, “Manje, ngizokhuluma ngesiGalile; ngizokhuluma *ngalolu*; futhi ngizokhuluma *ngalolu*...?...”

<sup>84</sup> Kwathi uPetru esakhuluma lawamazwi, bathi, “Madoda nabazalwane, singenzenjani ukuze sisindiswe na?” NoPetru ubanikeza indlela yokwenza. Yileyo ndlela njalo okwenzeka ngayo. Niyabo?

<sup>85</sup> Kuyenyuka, kujonge kuNkulunkulu, ukuhamba okusondele. Wazi kanjani na? Awu manje, ngenkathi uLuther emukela ukulungisiswa, wakubiza lokho ngoMoya oNgcwele. Kwakuyiwo. UNkulunkulu wadipha okuncane kwaWo phakathi. Wayesethi ini-ke na? UWesley wemukela ukuNgcweliswa, wayesethi, “Mfana, ngenkathi umemeza, usunaWo.” Kodwa inqwaba yabo yamemeza eyayingenaWo. Ngenkathi iPhentekoste ikhuluma ngezilimi—izilimi ezingaziwa, bathi, “Mfana, usunaWo.” Kodwa inqwaba yabo yayingenaWo.

Azikho izinto ezinjengalezozibonakaliso zokwazi lokho. “Indlela kuphela owazi ngayo umuthi,” uJesu wathi, “kungesithelo osithelayo,” imisebenzi kaMoya, isithelo sikaMoya. Bese-ke nxa ubona umuntu ogcwaliswe ngamandla, ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, khona-ke ubona impilo esishintshile. Ubona lezizibonakaliso zilandela abakholwayo: “NgeGama laMi bayakukhipha odeveli, bakhulume ngezilimi ezintsha. Uma inyoka ibingabaluma, ibingeke yabalimaza. Ukuba babengaba nento ebulalayo, beyiphuza, ibingeke yababulala. Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda.” He! Lezi uhlobo lwezibonakaliso lulandela abakholwayo. Kodwa ungena kanjani kukho na? Lezoziphiwo ziseMzimbeni. Ungena kanjani eMzimbeni na? Hhayi ngokukhuluma indlela yakho yokungena; kodwa ngokubhaphathizelwa eMzimbeni munye (kwabaseKorinte bokuQala 12:13). Moya munye thina sonke sibhaphathizelwe kulowoMzimba futhi siphansi kwazo zonke iziphiwo. INkosi inibusise.

<sup>86</sup> Manje, uma omunye engahle ezwe leteyipu noma omunye lapha ongeke avumelana, khumbula, kwenze ngobungani, mfowethu, ngoba ngiyakuthanda.

**93. Umbuzo wokuqala kulobubusuku: Mfowethu Branham, ngicabanga ukuthi itelevishini iyisiqalekiso ezweni. Ucabangani ngayo na?**

<sup>87</sup> Awu, noma ngabe ubani owubhalile, ngizovumelana nawe. Bayenze isiqalekiso ezweni. Ibingaba yisibusiso ezweni, kodwa bayenze isiqalekiso. Noma yini enjengaleyo, bantu bami abathandekayo, yilokho okubuka wena uqobo. Uma itelevishini iyisiqalekiso, khona-ke iphephandaba liyisiqalekiso, khona-ke umsakazo uyisiqalekiso, futhi isikhathi esiningi utelefoni uyiso. Niyabo, niyabo, niyabo, niyabo? Kuyilokho wena owenza ngakho. Kodwa ngokuthi umfowethu washo ngobunye ubusuku, ukuthi kul'khuni ukuthi kusekhona noma yiziphi izinhlelo kwitelevishini; lokho yimali eningi kakhulu. Abashumayeli abampofu oshumayela iVangeli eliGewele ngeke akhona ukuba nohlelo kwitelevishini. Ngakho ngakho-ke... Umfowethu wathi ngobunye ubusuku, ngiyakholwa, ndawondawo, athi, "Sula uthuli umsakazo wakho," noma omunye umuntu, noma, "Ubuyise uwukhiphe ekhoneni bese ulalela lezozinhlelo." Kunjalo.

<sup>88</sup> Kodwa, muntu othandekayo, noma ngabe ungubani, ngivumelana ngempela nawe. Isiba ngenye yezinto eziqalekiswa kakhulu esintwini. Phakathi lapho bathatha konke lokhu lapha imali efanele iye kuhlumeni ibe yizintela, bese beyisusa bayifake ekukhangiseni kuwo wonke losikilidi nezinhlelo zikagologo nezinto ezinjalo, bese beyesula ezinteleni zikahlumeni; bese kuthi-ke bafike bajikeleze bese bethola abashumayeli bese bebahudulela enkantolo ukuba bathole imali encane kubo. Ngiyavumelana nawe, kuyinto embi kabi. Manje, lokho akusikho... Niyazi, kuyinto nje ethize oyitholayo. Ngiyabonga, dade, mfowethu, noma ngabe ubungubani obuze lokho.

**94. Manje, nanku omuhle. Umbuzo: Kunezindawo eBhayibhelini njenga nje noSamuweli wokuqala 18:10, othi omoya omubi owavela kuNkulunkulu wenza izinto. Angiwuqondi u "moya omubi owavela kuNkulunkulu." Ngicela uchaze lokhu.**

<sup>89</sup> Awu, mhlawumbe ngosizo lweNkosi, ngingakwenza. Akuchazi ukuthi uNkulunkulu unguMoya omubi. Kodwa bonke omoya bazo zonke izinto baphansi kukaNkulunkulu. Futhi Wenza zonke izinto zisebenze ngokwalokho Akuthandayo. Niyabo?

<sup>90</sup> Manje, embuzweni wakho, ukhuluma ngomoya omubi owaphuma uvela kuNkulunkulu ukuba uhluphe uSawule. Wayenokunyukumala, esimo sishone phansi—isimo, ngoba, indawo yokuqala, wayehlubukile. Futhi uma uhlubuka, umoya omubi—uNkulunkulu uyovumela umoya omubi ukuba ukuhluphe.

<sup>91</sup> Ngithanda ukunifundela into ethize e—emzuzwaneni. Nginomunye umcabango ngakho lapha. Niyabo? Yonke imimoya izofanele ibephansi kukaNkulunkulu. Niyakhumbula ngenkathi uJehoshafati noAhabi wayephumela empini na? Nento yokuqala niyazi, kwakukhona i—bahlala phezulu emasangweni. NoJehoshafati wayeyindoda elungileyo, futhi wathi (amakhosi omabili ahlala lapho, futhi ahlanganisa imibutho yawo ndawonye) futhi ngakho wathi, “Asibuze iNkosi ngokuthi ngabe siyaphuma noma qha.”

<sup>92</sup> NoAhabi wahamba wayesethola abaprofethi abangamakhulu amane ayenabo, bonke, wabagcina bondlekile futhi bekhuluphalisiwe nayo yonke into; babesesimweni esihle. Futhi benyukela lapho, futhi bonke baprofetha nganhliziyonye, bathi, “Yenyuka, noNkulunkulu uzokunika ukunqoba. Yenyukela eRamoti-gileyadi nalapho uNkulunkulu uzokuthathela into.” Omunye wabo wazenzela amabhanqa ezimpondo futhi uqala ukugijima ejikeleza njengesifanekiso, wathi, “Ngalezizimpondo zensimbi, uzobaqhubukusha bayothi ngqu baphume ezweni; lingelakho.”

<sup>93</sup> Kodwa niyazi, kunento ethize ngendoda kaNkulunkulu engazigaxi nje kukho konke okwalokho. Niyabo? Uma kungezwani kahle nomBhalo, kukhona okungalungile. Noma yiliphi ikholwa leqiniso... Ngakho uJehoshafati wathi, “Awu, lawomakhulu amane abukeka ekahle. Abukeka njengendoda elungileyo.”

“O, ayiwo,” mhlampe uAhabi washo.

Kodwa uJehoshafati wathi, “Awusenaye omunye futhi na?” Kungani kube omunye futhi ube unamakhulu amane enhliziyonye na? Imbangela wayazi ukuthi kwakukhona into ethize eyayingezwakali nje kahle. Niyabo?

Wathi, “Yebo, sisenaye omunye futhi, indodana kaImla, enhla lapha,” wathi, “kodwa ngiyamzonda.” Impela. Uzolivala ibandla lakhe noma ngasiphi isikhathi ongakwenza ngaso. Uzomxosha ezweni. Niyabo? Impela. “Ngiyamzonda.”

“Umzondelani na?”

“Uhlala njalo eprofetha okubi ngami.” Ngikholwa ukuthi uJehoshafati wazi ngayo leyonkathi ukuthi kwakukhona—kukhona into eyayingalungile.

Ngakho wathi, “Yenyuka futhi umlande uMikaya.”

Ngakho benyuka bamlanda, futhi nangu ehla... Ngakho ngenkathi benyuka, bathumela isithunywa sase sithi, “Manje, awulinde umzuzu. Manje, banoDokotela bezobuNkulunkulu abangamakhulu amane ezansi lapho. Babedlula bonke okhona ezweni, beno Ph, oLLD, nazo zonke izinto.” Wathi, “Manje, uyazi, wena ndojeyana ehluphekayo engafundile, awuzukuphikisana naso sonke lesosigungu sabefundisi.”

<sup>94</sup> UImla washo lokhu, noma ngiqonde ukuthi, uMikaya washo lokhu: “Angizukusho lutho aze uNkulunkulu akufake emlonyeni wami, ngizobe-ke sengisho ncamashi Akushoyo.” Ngiyakuthanda lokho. Ngiyakuthanda lokho. Ngamany’amazwi, “Ngizohlala neZwi.” Akunandaba ukuthi bonke abanye babo batheni. Wathi, “Awu,” wathi, “Ngiyakutshela. Uma ungafuni ukulahlelwa ngaphandle, kungcono usho into efanayo.”

Ngakho wehlela lapho. Wayesethi, “Ngingenyuka na?”

Wathi, “Qhubeka.” Wathi, “Nginike lobubusuku. Ake ngikuxoxisane neNkosi.” Ngiyakuthanda lokho. Ngakho ngalobobusuku iNkosi yabonakala kuye, futhi ngosuku olulandelayo uyenyuka. Wayesethi, njengoba wayenyuka, wathi, “Qhubeka; kodwa ngibone uIsrayeli enjengezimvu ezingenamelusi, zihlakazekile emagqumeni.” O, he! Lokho kwamkhipha umoya.

Wayesethi, “Angikutshelanga na? Bengikwazi. Yileyo ndlela impela enza ngayo ngaso sonke isikhathi, esho into ethize embi ngami.”

<sup>95</sup> Ngani na? Wayehlala neZwi. Ngani na? Umprofethi phambi kwakhe, iZwi likaNkulunkulu livela kuElija, umprofethi wangempela, wathi, “Ngoba wachitha igazi likaNaboti ongenacala, izinja ziyoxhapha igazi lakho nawe.” Futhi wamtshela okubi. UElisha wayesevele eye eZulwini. Kodwa wayazi ukuthi uElisha wayeneZwi likaNkulunkulu, ngakho wahlala neZwi. Ngiyakuthanda lokho. Hlala neZwi.

<sup>96</sup> Uma iBhayibheli lathi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade; amandla aKhe asafana namanje; uMoya oNgcwele ungowalowo othandayo, makeze, ahlale neZwi. Yebo, mnumzane! Akunandaba ukuthi bonke abanye babo bathini. Ukuthi bondliwe kahle kanjani nokuthi zingaki izikole abedlule kuzo, lokho akuhlangene ngalutho nakho.

Ngakho manje-ke wathi... Lomfo omkhulukazi nezimpondo ekhanda lakhe, ezoyiqhubukusha—izwe liphume ngaleya kwenkosi, wenyuka wasemmukula emlonyeni (lomshumayeli omncane). Wayazi ukuthi wayengungingqiki ongcwele omncane nje ngakho kwakungekho lutho olwaluzoshiwo ngakho, ngakho wavele nje wammukula emlonyeni. Wathi, “Kukhona engifuna ukukubuza khona.” Wathi, “UMoya kaNkulunkulu waya ngaphi ngenkathi Uphuma kimi uma unaWo na?”

<sup>97</sup> Wathi, “Uzoqonda uma usuhlezi esibiyelweni phandle ngaleya njengomthunjwa.” Wathi, “Ngibone uNkulunkulu ehlezi esihlalweni sobukhosi (Amen! Manje lalelani!), nebandla laseZulwini lalibuthene liMzungezile.” Kwakuyini indaba na? Umprofethi waKhe wayesevele ekushilo okwakuzokwenzeka kuAhabi. UNkulunkulu... Lowo kwakungesuye uElija owasho



lokho; lowo kwakungumprofethi ogcotshiwe. Lelo kwakuyiZwi leNkosi, ISHO KANJE INKOSI. NoMikhaya wathi, “Ngibone lonke ibandla laseZulwini libuthene lizungeze uNkulunkulu enkomfeni enkulu. Futhi babexoxisana omunye nomunye. NeNkosi yathi, ‘Ubani eSingamthola ukuba ehle yimuphi oyedwa kini ongehla futhi adukise uAhabi, ukuba amkhiphe lapho ukugcwalisa iZwi likaNkulunkulu, ukuba adutshulwe na? Ubani eSingamthola ukuba ehle na?’”

<sup>98</sup> Awu, omunye wayesho *lo noma lowaya*. Futhi emva kwesikhashana, umoya omubi, umoya wamanga uyakhuphuka uvela ngaphansi wawusuthi, “Uma nje Uzongivumela. Ngingumoya wamanga. Ngizokwehla bese ngingena kubo bonke labobashumayeli, ngoba abanawo uMoya oNgcwele; futhi ngizobenza (bangabafana nje abaqeqeshwe ngokwasesikoleni)—futhi ngizokwehla, bese ngingena kubo bonke babo, bese ngibadukisa, futhi ngibenze baprofethe amanga.” Wakusho na? Futhi wathi, “Yileyondlela esizodukisa ngayo.” Ngakho wehla.

Wathi—uNkulunkulu wathi, “Unemvume yaMi yokuba uhambe.”

<sup>99</sup> Wase wehla wase ungena kulabobaprofethi bamanga, inkonzo eqeqeshwe esikoleni, wase ubenza baprofethe amanga. Kwakungumoya wamanga usebenza entandweni kaNkulunkulu. Ake ngi...Nje enye into ethize eningahle niyibone lapha, umzuzu nje. Bhekisisani lokhu. Ngifuna niphanye kanye nami kwabaseKorinte bokuQala isahluko 5, ivesi 1, umzuzu nje. KwabaseKorinte bokuQala...Futhi nibhekisise lokhu uma nifuna ukubona into ethize, kaNkulunkulu enza into ethize—ukuthi ikanjani leyomimoya, ukuthi iyo—yonyakaza kanjani... Kulungile, uPawulu ekhuluma:

*Kuyezwakala ngempela ukuthi kukhona ubufebe phakathi kwenu, futhi ubufebe ukuthi aku... ngisho nakwabeZizwe... (Nicabangani ngalokho phakathi kwebandla na?)... okungukuthi omunye uya kumkayise.*

*Kepha nina nikhukhumele, kunokuba... (Ake sibone. Ngikholwa ukuthi ngiphanye amakhasi amabili e...). . . Ni—Kepha nikhukhumele, kunokuba nga nilila, ukuze... (Manje, ake nilinde umzuzu lapha. Ngabe ngi... Ya, kunjalo. Ya)... nilila... (Nakho-ke)... khukhumele, kunokuba... nilila, ukuze akhishwe phakathi kwenu owenze lesisenzo.*

<sup>100</sup> Angazi. Angikholwa ukuthi noma ubani ubengasho kulokhu noma ukunquma emuva, kodwa ngivikela kuphela lokho engikholelwa kukho: Uma umuntu eke wagcwaliswa ngoMoya angelahlekelwe yiWo. Niyabo, niyabo?

*Ngokuba mina ngokwami, noma ngingekho ngomzimba, nokho ngikhona ngomoya, senginqumile, ngokungathi ngikhona, ngalowomuntu owenze okunjalo ukuba,*

*Egameni leNkosi yethu uJesu Kristu, nihlangane nina, nomoya wami, kanye namandla eNkosi uJesu Kristu,*

*Onjalo anikelwe kuSathane kukho ukubhubha kwenyama, ukuze umoya usindiswe ngosuku lweNkosi uJesu.*

101 UNkulunkulu, etshela iBandla elingcwele, elinguMzimba waKhe lapha emhlabeni, lokho (manje, lokhu kusemva kweTestamente eLidala, kweLisha) etshela umuntu owayenamanyala kakhulu futhi engcolile phakathi kwabantu ukuthi wayehlala nomkayise uqobo. Wathi, “Into enje eMzimbeni kaKristu. . . Nina, Bandla, nimphendulele kudeveli nenzele ukubhubha. . .” Niyabo? UNkulunkulu uvumela u. . . Futhi ngenkathi Ethola into ethize Azoyibona yenziwa, ukufaka isiswebhu komunye umuntu, Uyodedela umoya omubi kubo ukuze izohlupha lowomuntu futhi—futhi ibabuyise. Manje, sithola ukuthi lendoda emva. . .

102 Yileyo indaba ngamabandla namhlanje. Uma umuntu engena eMzimbeni kaKristu futhi abe ngomunye wamalunga futhi aqale ukwenza okubi, esikhundleni sokuba nonke nibuthane ndawonye futhi nenza yona lento efanayo. . . Nani, Tabernakele likaBranham, nenze lokho. Ngoba inqobo nje uma nimphakamisile, uphansi kweGazi. Futhi nje ulokhu enza into endala efanayo ephindaphinda ephindaphinda ephindaphinda ngaso sonke isikhathi. Nibuthane ndawonye bese nimphendulela kudeveli kukho ukubhubha kwenyama, ukuze umoya wakhe u—njenge—usindiswe ngosuku lweNkosi. Futhi bhekisisani isiswebhu sikaNkulunkulu singena. Bhekisisani udeveli embamba. Lowo ngumoya omubi umthola.

103 Nalomfana lapha waqondiswa. Uyabuya. Sithola ukuthi kwabaseKorinte besiBili lapho ngempela wahlanzeka phambi kukaNkulunkulu.

104 Bukani uJobe, indoda ephelele, indoda elungile. NoNkulunkulu wavumela udeveli omubi ukuba eze phezu kwakhe, futhi wamshaya, nayo yonke enye into kukho ukupheleliswa komoya wakhe. Niyabo? Ngakho imimoya emibi uno. . . UNkulunkulu usebenzisa imimoya emibi izikhathi eziningi ukuba isebenze icebo laKhe nentando yaKhe.

**95.** Manje, nanku ongunamathela ngempela. Umbuzo (ngicabanga ukuthi ngumuntu ofanayo, ngoba kubukeka sengathi yisandla esifanayo): **Uma umuntu efanele abe noMoya oNgcwele ukuba abe—noMoya oNgcwele ukuba aphenduke nokuba aye ohlwithweni, siyoba yini isimo**

**sabantwana abafe ngaphambi kweminyaka yokuba babe nokubekwa icala na? Futhi bayovuka nini na?**

<sup>105</sup> Manje, mfowethu, dade, ngeke ngakutshela lokho. Akukho-mBhalo ngakho eBhayibhelini engingathi ngingawuthola nomaphi. Kodwa ngingezwakalisa imicabango yami. Manje, lokhu kuzokuqinisa wena okholelwa emseni kaNkulunkulu. Niyabo, umuntu ufuna ukwazi (okungumbuzo omuhle kakhulu. Niyabo?) umuntu ufuna ukwazi ukuthi kuvuka kuni—kuyokwenzekani enganeni, ukuthi uma izodingeka ukuba ibe noMoya oNgcwele ukuze iye ohlwithweni... Njengoba ngishilo, kunjalo. Lokho kuhambisana neBhayibheli. Lokho ngukufundisa komBhalo. Hhayi ukungayi eZulwini... Ngoba abantu abagcwaliswe ngoMoya oNgcwele ngukuvuka kokuqala, abaKhethwa. Nensali yalabo... Ababesele abafileyo kabaphili iminyaka eyinkulungwane. Emva kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, bese-ke kuba ngukuvuka kwesibili, ukwahlulela kwesiHlalo sobukhosi esikhulu esiMhlophe. Niyabo? Lokho yinqubo yeBhayibheli impela. Kodwa lomuntu ufuna ukwazi ukuthi kuthiwani ngalezizingane. Zi... Ngamany'amazwi, ngabe zazinawo yini uMoya oNgcwele zingakazalwa na? Ngabe zaMemukela na? Manje, ngeke ngakutshela lokho.

<sup>106</sup> Kodwa manje, asisho kanje: Siyazi ukuthi izingane ezifayo, kungakhathaleki ngabazali bazo, zisindisiwe. Manje, angivumelani nesikole sabaprofethi kulokho. Bathi uma ya—yafa inomzali owayeyisoni, ukuthi leyongane iyoya esihogweni, ibole; akuyikubakho lutho kuyo. Awu, uJesu... uJohane wathi ngenkathi uJesu efika, “Bheka iWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe.” Futhi uma leyongane yayiyisidalwa esingumuntu, eyayizofanele ize phansi kwezahlulelo zikaNkulunkulu, noJesu wafa ukuba asuse isono, sonke isono saxoshwa phambi kukaNkulunkulu ngenkathi uJesu efela leyonhloso. Isono zenu zathethelelwa. Isono zami zathethelelwa. Nendlela kuphela ongake uze uthethelelwe ngayo ngukuvuma ukuxolela kwaKhe. Manje, ingane ingekuvume ukuxolelwa kwayo, ngakho ayikenzi lutho. Ayikenzi lutho nhlobo. Ngakho ngokoqobo ikhululekile ukuya eZulwini.

<sup>107</sup> Kodwa uzothi, “Ziyoya ohlwithweni na?” Manje—manje, leli yizwi elingelami; lona ngumcabango wami manje. Ninga... ngeke ngakufakazisa lokhu ngeBhayibheli. Kodwa bukani. Uma uNkulunkulu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, azazi zonke izidalwa ezingabantu ezaziyoke zibe semhlabeni... Niyakukholwa lokho na? Wayezazi zonke izimbuzane, onke amazeze, zonke izimpukane, Wayezazi zonke izinto ezaziyoke zibe semhlabeni. Uma Azi ukuthi... .

<sup>108</sup> Bukani. Asithathe isibonelo nje, uMose. Ngenkathi uMose ezalwa, wayengumprofethi. Ngaphambi kokuba uJeremiya... uNkulunkulu watshela uJeremiya, “Ngaphambi

kokuba uze ubunjwe ngisho nasesizalweni sikanyoko, ngaphambi kokuba uze ubunjwe esizalweni sakhe, Ngakwazi, futhi ngakungcwelisa, futhi ngakubeka umprofethi ezizweni.” UJohane umBhaphathizi, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili engakazalwa, uIsaya wambona embonweni, wathi, “Uyizwi lomemeza ehlane.”

<sup>109</sup> Ukumiselwa ngaphambili noma ukwaziphambili kukaNkulunkulu kwazi konke ngezingane ezincane (niyabo?), ezazizokwenza. Futhi Wayazi ukuthi zaziyofa. Wayazi. Akukho okungenzeka uNkulunkulu engazi ngakho. Akukho okungenzeka uku...NjengoMelusi wezimvu oMuhle nje, ukuthi Ugena kanjani...Manje, ukuthatha lokhu ngomBhalo, bengingeke ngathi umBhalo uthi *ukuthi-no-kuthi*. Ngikuthatha ngokomcabango wami nje.

**96.** Manje, umbuzo olandelayo yilowo engicabanga ukuthi mhlawumbe omunye wayeyilokho engakusho ngobunye ubusuku. **Chaza umfazi esindiswa ngokuzala umntwana.**

<sup>110</sup> Umfazi akasindiswa ngokuzala umntwana. Kodwa asiphenye manje kuThimothewu wokuQala 2:8 umzuzu nje. Futhi asithole nje ukuthi lithini iBhayibheli ngomntwana. Manje, ngiyaqonda ukuthi leyo yimfundiso yeKatolika, ukuthi iKatolika lithi owesifazane usindiswa ngokuzala abantwana, ngokuzala umntwana. Kodwa asinga...angikukholwa lokho. UThimothewu wokuQala isahluko 2, futhi asiqale evesini 8, futhi sifunde umzuzwana nje manje. Kulungile, lalalani.

*Ngokunjalo, nabesifazane benu mabazidumise ngezinguvo ezifaneleyo... (Besingafanele sibuze lokho, besifanele na? Lalalani lokhu)...ngokuhlonipha... (Whewu!)...nangokuqonda; kungabi ngezimwele zakhe ezalukwayo, nangegolide, nangamaparele, nangezambatho ezinemali eningi; (Bazalwane, ngisiza nina lapha, ngiyethemba. Zonke lezizigqoko ezintsha zabesifazane nsuku zonke noma izinsuku ezintathu. Niyabo? Lokho akusikho ukuba ngamaKristu.)*

*Kepha (njengokufanele abesifazane abashoyo ukuthi besaba uNkulunkulu) ngemisebenzi emihle.*

*Abesifazane benu makafunde ukuthula ngezintobeko konke.*

*Kepha angimvumeli owesifazane ukuba afundise, nokuba abuse phezu...kwendoda, kodwa abe... nokuthula.*

*Ngokuba uAdamu wabunjwa kuqala, futhi emva kwalokho uEva.*

*...uAdamu kakhohliswanga, kepha owesifazane wathi ekhohlisiwe waphambuka.*

*Kepha uyakusindiswa ngokuzala abantwana uma...*(Manje, akakhulumi kowesifazane wezwe, enezingane)...*uma ehlala ekukholweni...*(Niyabo? Uma ehlala. Usevele...Yilowo wesifazane akhuluma ngaye, owesifazane osevele esindisiwe. Niyabo?)...*nasothandweni nasebungweleni kanye nokuqonda konke.*

111 Akusikho ngokuba nengane okumenza asindiswe, kodwa ngenxa yokuthi ukhulisa abantwana, enza umsebenzi awumiselweyo, hhayi ekhulisa amakati, izinja, nanoma yini okunye ukuba kuthathe indawo yomntwana, njengoba benza namhlanje, bekunika uthando lukamama ukuze akwazi ukuphuma futhi egijima ejikeleza ubusuku bonke. Abanye abantu bayakwenza lokho. Ngiyaxolisa, kodwa bayakwenza. Lokho kungubul'hlaza obubi kabi kimi ukuba ngisho, kodwa iqiniso yiqiniso. Niyabo? Abayifuni ingane ukuba baboshelwe phansi nayo. Kodwa ngokuzala abantwana, uma ehlala ekukholweni, ubungcwele, nokuqonda konke, uyakusindiswa. Kodwa u *uma* ungukuthi, uyakusindiswa futhi, *uma* uzelwe ngokusha. Uyo ungaphiliswa *uma* ukholwa. Ungamemukela uMoya oNgcwele *uma* uWukholwa, uWulungele, *uma* usuWulungele. Futhi uyakusindiswa uma eqhubeka nokwenza lezizinto (niyabo?), kodwa hhayi ngoba engowesifazane. Ngakho lokho kunjalo, mfowethu, dade. Akusikho ukufundisa kweKatolika nhlobo. Manje ngifuna... Nanku omunye onamathela ngempela. Bese-ke siba nomunye futhi. Ngicabanga ukuthi mhlawumbe sinesikhathi sawo. Ngithathe nje isikhathi sethu. Manje, lokhu nje yi—lokhu nje amavelamuya emvuselelo. Lokhu amavelamuya omhlangano, lemibuzo.

**97. Manje: Mfowethu Branham (kubhalwe ngomshini), ngabe kungumBhalo ukuba umuntu akhulume ngezilimi nokuthi ahumushe umlayezo wakhe uqobo na? Uma kunjalo, ngicela uchaze. KwabaseKorinte bokuQala noma kwabaseKorinte 14:19 kanti nakwabaseKorinte 14:27.**

112 Kulungile, asiwelele kulowomBhalo futhi sibone ukuthi uthini. Sizobe-ke sesibona ukuthi ngabe sikugcina ngokomBhalo yini lokhu. Sifuna njalo ukuba ngokomBhalo. NakwabaseKorinte 14. Manje, umuntu ufuna ukwazi ukuthi ngabe kungokomBhalo yini ukuba umuntu ahumushe umlayezo wakhe uqobo awukhulume ngezilimi. “Uma kunjalo, chaza kwabaseKorinte 14:19.” Ake sibone, 14 nele 19. Kulungile, naku lapho esikhona.

*Kodwa emabandleni ngi...thanda ukukhuluma amazwi ayisihlanu ngengqondo yami, ukuze ngephimbo lami ngifundise abanye futhi, kunayizinkulungwane eziyishumi...ngo...zilimi olungaziwayo.*

Manje, elilandelayo yivesi 27, bafuna ukwazi.

*Uma-ke umuntu ekhuluma ngolimi olungaziwayo, akuba-ngababili, noma nga . . . bangadluli kwabathathu, badedelane; omunye ahumushe.*

113 Manje, ngithatha lokho umuntu azama ukufinyelela kukho (engifuna—ngizonifundela into ethize umzuzwana nje). Kodwa ngicabanga ukuthi umfowethu noma udade azama ukufinyelela kukho, “Kulungile yini ukuba umuntu okhuluma ngezilimi ukuba futhi awuhumushe umlayezo awushilo na?” Manje, mngane othandekayo othandiweyo, uma nje uzofunda ivesi 13 esahlukweni esifanayo, lizokutshela:

*Ngakho-ke okhulumayo ngolimi olungaziwayo akhulekele ukuba akuhumushe.*

114 Impela. Angawuhumusha umlayezo wakhe uqobo. Manje, uma nje si . . . Nje asi . . . Awu, u . . . Funda konke okwakho lapha, futhi ungabona Ku . . . Funda nje sonkana lesosahluko. Sihle kakhulu, siyakuchaza.

115 Manje, ukukhuluma ngezilimi . . . Manje, sisekulokho, nalokhu kuteyishwa, ngifuna ukusho ukuthi ngikholelwa kakhulu impela nje ekukhulumeni ngezilimi njengoba ngikholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, nom—mbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukufika kwesibili kukaKristu, namandla ezwe elizayo; ngikholelwa kakhulu impela nje kulokho njengoba ngikholwa, kodwa ngikholwa ukuthi ukukhuluma ngezilimi kunendawo yakho njengokufika kukaKristu nje kunendawo yakho; ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kunendawo yakho; yonke into inendawo yayo.

116 Manje, kinina bantu, nginethuba ukusho lokhu manje, futhi ngithanda ukukuchaza. Futhi uma ngilimaza noma ubani, angikuqondile. Angiqondile ukubangela ukudideka. Kodwa lalalani. Obekuyindaba ngokukhuluma ngezilimi ezingaziwayo ngabantu bePentecostal (okuyimi uqobo; ngiyiPentecostal. Niyabo?). . . Manje, obekuyinkathazo yilokhu: ukuthi abakuhloniphi ngokuzithoba. Nenye into, bavele nje bakuyeke kuhambe ngaphandle kokucabanga. Ababuyeli eZwini.

117 Manje lalalani. Nansi indlela—aku—nansi indlela ibandla elimiswa ngayo. Manje, ebandleni lePentecostal, ukuba bengelusa lelibandla, ngizonitshela ukuthi bengingalimisa kanjani (niyabo?), ukuba bengi—ngiyoba lapha ngaso sonke isikhathi ukuba ngileluse. Bengiyofaka isandla kuzo zonke iziphiwo eziseBhayibhelini. Ngitshele amakholwa kuqala ukuba abhaphathizwe kuMoya oNgcwele. Bese kuthi-ke, zonke iziphiwo zakwabaseKorinte bokuQala 12 beziyobe zisebenza ebandleni lami, ukuba bengingazifaka lapho, umzimba wonkana usebenza.

118 Manje, uma niqaphela . . . Kungesikho ukwenza iziphawulo manje. Futhi khumbulani, bengingesho nelilodwa izwi eliphambene—ngingahle ngihlambalaze uMoya oNgcwele. NoNkulunkulu uyazi bengingekusho lokho okungalungile. Niyabo? Kodwa ngisho kuphela lokhu ukuzama ukuninika umbono womBhalo emva kokuba sengiwutadishile manje cishe iminyaka engamashumi amabili. Kade ngishumayela cishe iminyaka engamashumi amathathu. Futhi nje bendedlula ezintweni zonke, nje ngadonsa ngedlula; ningazibonela ukuthi bekunjani. Futhi ngibhekisisa wonke umuntu, nemfundiso yabo, izwe jikelele. Futhi ngikuthatha ngoba kungukukhathalela kwami. Kungukukhathalela ezidalweni ezingabantu ngaphandle kwami uqobo. Ngifanele ngimuke lapha. Nifanele nimuke lapha. Futhi uma ngihamba njengomprofethi wamanga, ngiyolahlekelwa umphefumulo wami uqobo futhi nilahlekelwe ngowenu kanye nami. Ngakho kwedlula—kwedlula isinkwa semihla ngemihla; kwedlula ukuthandwa ngabantu; kwedlula noma yini enye; kungukuphila kimi. Niyabo? Futhi ngifuna njalo ukuba ngibe ngojule kakhulu kunakho konke kobuqotho.

119 Manje, uya ebandleni lePentecostal, into yokuqala . . . (Angiqondile bonke babo. Abanye baba . . .) Esiningi kakhulu sesikhathi ungena ebandleni bese uqala ukushumayela; ngenkathi ushumayela, omunye uyosukuma bese ekhuluma ngezilimi. Manje, lowomuntu othandekayo angahle ukuba ugcwaliswe ngokuphelele ngoMoya oNgcwele, nalowo kungahle kube nguMoya oNgcwele ukhuluma ngalowomuntu, kodwa into yakho ingukuthi, abaqeqeshiwe. Uma lenkonzo emsamo iphansi kokukhuluma kokuphefumulelwa, umoya wabaprofethi uthobela umprofethi. Niyabo? “Konke makwenziwe . . .” Manje, welelani ngapha kuPawulu usholoni ukuthi “uma kukhona okhulumayo,” nokunye nokunye . . . “ngenkathi engena, kwakukhona ukudideka nje.”

120 Manje, kade ngenza ukubizela ealtare, nomunye asukume futhi akhulume ngezilimi. Nje ku . . . Awu, ungavele nje uyeke ukubizela ealtare. Kuyakuyekisa. Niyabo?

121 Bese kuthi-ke, enye into. Izikhathi ezinginingi abantu bayosukuma futhi bakhulume ngezilimi, futhi abantu bahlale futhi behlafuna ushungama, beqalaza. Uma uNkulunkulu ekhuluma, thula du, ulalele! Uma lelo kuyiQiniso, uma lowo kunguMoya oNgcwele ukhuluma kulowomuntu, hlala uthule futhi ulalele, hlonipha ngokuzithoba. Ukuhumusha kungahle kufike kuwe. Uyabo? Hlala uthule; ulalele ukuhumusha. Manje, uma kungekho-mhumushi ebandleni, khona-ke bafanele bathule eMzimbeni.

122 Bese kuthi-ke, uma bekhuluma ngolimi olungaziwayo, iBhayibheli lathi, mabakhulume kubo uqobo kubo nakuNkulunkulu. Okhuluma ngezilimi ezingaziwayo uzakha

yena. Manje, lokho yizilimi ezingaziwayo; izilwimi zesigodi, izilwimi lwehlukile. “Azilutho,” uthi... Kodwa okwenza umsindo kunencazelo. Kodwa u... Uma icilongo likhala, ufanele wazi ukuthi likhala kanjani (...ulibethe nje) kungenjalo awuyikwazi ukuthi uzilungiselele kanjani impi. Uma noma ubani ekhuluma ngezilimi, futhi nje “tut”; yilokho kuphela okukulo, ubani owaziyo ukuthi akwenziweni. Kodwa uma liqala uku *khala kwecilongo lokuvuka ekuseni*, lokho kuchaza ukuthi “sukumani!” Uma libethwa *kancane*, lokho kuchaza ukuthi “shona phansi.” Niyabo? Uma libethwa lithi *hlaselani* lokho kuchaza ukuthi “hlaselani.” Lifanele linikeze incazelo, futhi nje akusikho nje ukukhuluma wedwa. Ngakho ebandleni, uma kungekho-mhumushi, kodwa lokhu kunomhumushi, khona-ke izilimi ziyilokho okungokwebandla.

<sup>123</sup> Manje, embuzweni wakho, mngani othandekayo, othi, “Ngingaqoka ukukhuluma izinkulungwane ezinhlanu... amazwi amahlanu phakathi, futhi ukuze abantu bengakwazi ukungiqonda kunezinkulungwane ezinhlanu (kumbe noma ngabe yini enye okuyishoyo) ngolimi olungaziwayo.” Lokho kuqinisele. Kodwa funda wehle: “...ngaphandle uma kungesambulo noma ngokuhumusha ekwakheni.” Niyabo? Ukwakha.

<sup>124</sup> Manje, ngizothi nje ukuninika ukuqonda okuncane uma—oku... Uma ngangizokwelusa lelibandla elizayo, uma uNkulunkulu ubeyongibiza ukuba ngileluse, nansi indlela ebengiyoliphatha ngayo: bengiyozama ukuthola wonke umuntu phakathi lapho obenesiphiwo. Futhi bengiyoba nalabobantu ukuba bahlangane cishe ihora ngaphambi kokuba izinkonzo zize ziqale, ekamelweni babebodwa. Ngibahlalise phansi kukaMoya. Nento yokuqala niyazi, oyedwa ehle, unesiphiwo sokukhuluma ngezilimi. Futhi akhuluma ngezilimi. Wonk’umuntu ahlal’athule. Bese kuthi-ke oyedwa asukume bese ekuhumusha akushoyo. Manje, ngaphambi kokuthi lokho kukwazi ukunikezwa ebandleni, iBhayibheli lithi kuzofanele kuhlolwe phakathi kofakazi ababili noma abathathu. Manje, lowo ngumuntu onokwehlukaniswa komoya (niyabo?), ngoba izikhathi ezininginingi amandla amabi angena phakathi lapho. (Niyabo?) UPawulu wakhuluma ngakho. Kodwa-ke, amandla kaNkulunkulu aphakathi lapho nawo. Ngits’heleni inhlango yebandla lapho ububi bungahlali khona. Ngits’heleni lapho amadodakazi kaNkulunkulu ebuthana khona ndawonye uSathane angekho phakathi kwawo. Yiyo yonke into. Ngakho ningakuhlineli lokho. Niyabo? USathane usezindaweni zonke. Manje, nakhu lapho esikhona. Omunye ukhuluma ngezilimi. Manje, kunabathathu abahlezi lapho onoMoya wokwehlukaniswa. Nomunye ukhuluma ngezilimi futhi unikeza umlayezo. Manje, kungeke kwaba ukucaphuna umBhalo, ngoba uNkulunkulu akathemelezi, futhi Wasitshela ukuba



singakwenzi. Niyabo? Ngakho akusikho lokho. Ngumlayezo kulo ibandla.

<sup>125</sup> Sibe nezinto ezimbili kulemvuselelo okwamanje. Bhekisisani ukuthi ngayinye yazo ibikanjani—phelele, emhlolweni ngqo. Niyabo? Yangena. Indoda eyodwa isukumile, futhi yakhuluma ngezilimi, futhi yanikeza ukuhumusha, futhi yashwibeka yajikela ngqo emuva, futhi yaqinisekisa lowomlayezo ovele waphuma nje. Omunye wasukuma ngobunye ubusuku, futhi washo e—phansi kokuphefumulelwa kwesiprofetho, futhi washo into ethize, engazi ukuthi wayethini; kwase kuthi-ke ekugcineni wakhuluma kwezwakala, “Ubusisiwe ozayo eGameni leNkosi.” Ngokushesha into ethize yangibamba ngokushesha yase ithi, “Ngokunye ubusisiwe okholwa ukuthi lena yiNkosi isifikile.”

<sup>126</sup> Niyayibona igqiba—kwase kuthi uMoya oNgcwele wehlela endlini izolo ebusuku. Niyabo? Lokho ngokokwakha. Bengimi lapho ngizama ukutshela abantu ukuthi bafanele bemukele uMoya oNgcwele. Nodeveli ubengenile wazungeza abantu, ethi, “Ningalaleli; hlalani nithule.”

Udadewethu uthe, “Bill, ngijabule kakhulu usashumayela; ngezwa kuthi angisukume futhi ngixume ngiphume ngobonda.”

Ngathi, “Sukuma futhi ugxume.” Yilokho kuphela.

Wayesethi, “Kodwa ngenkathi uhamba uyokwenza lokho,” wayesethi, “abantu baqala ukumemeza,” wathi, “ngase-ke ngizizwa nje sengathi bengingokudala okungelutho.”

<sup>127</sup> Ngathi, “Lowo ngudeveli. Lowo nguSathane. Ngenkathi engena ukuzokwenza lokho,” ngathi, “ubufanele usukume noma kanjani.” Singabapristi kuNkulunkulu, senza umhlathshelo wokomoya—umhlathshelo, izithelo zezindebe zethu zinika udumo eGameni laKhe. Niyabo?

<sup>128</sup> Manje, manje, nakhu okwenzekile. Wase-ke uMoya oNgcwele wephuka, ngoba lokho nje beku... “Ubusisiwe okholwayo.” Obubili, ubusuku obuthathu ngqo ngizame ukubeka lokho phakathi lapho; kwase kuthi-ke, uMoya oNgcwele wakhuluma wase uthi (phansi kokuphefumulelwa) wathi, “Ubusisiwe ozayo eGameni leNkosi.” Futhi ngaphambi kokuba ngisho noma yini, bese ngivele ngakusho. “Ubusisiwe okholwa ukuthi iNkosi isifikile kulokhu.” Niyabo? Futhi nje bengikhuluma lokhu, uMoya oNgcwele unguNkulunkulu uqobo lwaKhe kuwe. Niyabo? Futhi bebekubamba. Niyabo? Kwase kuthi-ke uMoya oNgcwele wehlela phakathi kwabantu. Niyabona ukuthi Ukanjani—Uyakha, isiprofetho?

<sup>129</sup> Manje, kunomehluko phakathi kwesiprofetho nomprofethi. Isiprofetho sisuka komunye siye komunye, kodwa umprofethi uzalwa embhedeni wezingane engumprofethi. Bano ISHO KANJE INKOSI! Akukho kuhlolwa kwabo. Awubaboni

bema phambi kukaIsaya, noma uJeremiya, noma yibaphi balabobaprofethi, ngoba babeno ISHO KANJE INKOSI! Kodwa umoya wesiprofetho phakathi kwabantu; udingeka ukubhekisise lokho, ngoba uSathane uyongena ngesinyenyela lapho. Niyabo? Manje. Kodwa kufanele kuhlolwe.

<sup>130</sup> Manje, si—sizoba nemvuselelo. Manje, kubhekisiseni ngokusondela ngempela lokhu manje, nina befundisi. Silungiselela imvuselelo. Kulungile. Noma mhlawumbe sinenkonzob evamile nje yebandla. Ibandla lisemlilweni. Lifanele libe njalo ngaso sonke isikhathi. Awu, mhlawumbe sinabantu abahlanu noma abayisithupha okungabantu abaphiwe iziphiwo; omunye ukhuluma ngezilimi, abantu ababili noma abathathu mhlawumbe ukhuluma ngezilimi, abane noma abahlanu ngezilimi, baneziphiwo zezilimi, bekhuluma ngezilimi ezingaziwayo. Ababili noma abathathu babo bangahumusha. Mhlawumbe kunoyedwa—ababili, noma abathathu babo oneziphiwo zokuhlakanipha. Kulungile. Bonke bayahlangana, lababantu abaphiwe. . . Wena. . . Lezoziphiwo ziphiwe nina hhayi ukuba nidlale ngazo, hhayi ukuba nithi, “Udumo kuNkulunkulu, ngikhuluma ngezilimi! Haleluya!” Uyo—u—uzehlisa isithunzi. Zi, nikwe nina ukuba nisebenze ngazo. Nengxenye yenu ebandleni ifanele ifike ngaphambi kokuba inkonzob enkulu iqale, ngoba ongefundile uzoba phakathi kwethu.

<sup>131</sup> Bese-ke nichezukela ekamelweni, bese nihlala lapho, nina bantu ndawonye, ngoba niyizisebenzi ezibambisene eVangelini. Bese-ke nihlala lapho. “Nkosi, ngabe ikhona into Ofuna siyazi kulobubusuku na? Khuluma kithi, o, Baba wasezulwini,” ninikela umkhuleko, izinxuso; nicule amaculo. Khona manje kwehla uMoya, wehlela komunye, akhulume ngezilimi. Omunye asukume wayesethi, “ISHO KANJE INKOSI.” Kuyini na? Lalelani. “Hambani nitshela uMfowethu Jones ukuba asuke endaweni akhe kuyo, ngokuba kusasa ntambama kuzoba nesishingishane esishanela lelozwe; futhi sizothatha indlu yakhe. Athathe izimpahla zakhe bese esuka!”

<sup>132</sup> Manje, lokho—lokho kuzwakala kukuhle. Kodwa lindani umzuzo. Kuzofanele kube nendoda amathathu lapho enoMoya wokwehlukana. Omunye wabo athi, “BekungokweNkosi.” Omunye athi, “BekungokweNkosi.” Lokho ngababili kwabathathu—ofakazi ababili noma abathathu. Kulungile. Bakubhala lokho phansi esiqeshini sephepha. Yilokho uMoya akushilo. Kulungile. Babuyela ekubeni bayokhuleka, bebonga iNkosi.

<sup>133</sup> Emva kwesikhashana, “ISHO KANJE INKOSI (umprofethi uyasukuma) ISHO KANJE INKOSI, kulobubusuku, ovela eDolobheni laseNew York kuzoba ngowesifazane; usohlakeni; uzongena esakhiweni ngohlaka. Unesikhafu esil’hlaza’tshani asithandele ekhanda lakhe. Ubulawa ngumdlavuzo.

Okumbangele ukuba abe ngalendlela, iNkosi imbambela khona—ngesinye isikhathi weba imali eBandleni laYo ngenkathi eseneminyaka eyishumi nesithupha ubudala. Tshela uMfowethu Branham ukuba amtshela lezizinto. ISHO KANJE INKOSI, uma ezokulungisa lokho, uzophiliswa.” Lindani umzuzu. Lokho kuzwakala kukuhle kabi, kodwa lindani umzuzu. Uzobhala igama lakho kuleliphepha, mehlukanisi na? Uzobhala igama lakho na?

<sup>134</sup> “BekungokweNkosi.” Omunye wathi, “BekungokweNkosi.” Bese-ke—bese-ke ukubhala phansi, “ISHO KANJE INKOSI, kulobubusuku kuzoba nowesifazane ongenayo, into *ethize-thize*.” Lo onokwehlukaniwa komoya, ababili noma abathathu babo basayine igama labo kukho. Yonke lemilayezo iyanikezwa. Kulungile.

<sup>135</sup> Bese-ke emva kwesikhashana baqala ukuzwa insimbi ikhala. Ibandla seliqale ukungena. Bese-ke beletha lemilayezo, bayibeke khona lapha phezu kwedeski. Khona lapha yilapho efanele ibekwe khona. Angikho ngindawondawo ngitadisha, ngikhuleka. Emva kwesikhashana ngiyaphuma emva kokuba amaculo eseculwa. Ibandla lonke lihlelekile, abantu beza, behlezi, bezindla, bekhuleka; yilokho enifanele nikwenze. Hhayi ukuthi nize ebandleni futhi nixoxisane, nize ebandleni ukuba nikhulume kuNkulunkulu. Yibani nenhlanganyelo yenu phandle lapho. Niyabo? Sihlanganyela noNkulunkulu manje. Futhi siza lapha sixoxa, yonke into ngokuthula, ngokuhlonipha kokuzithoba, uMoya unyakaza. Umshayi wopiyano uza opiyaneni cishe imizuzu emihlanu ngaphambi kokuba inkonzo yamaculo iqale, aqale kamnandi ngempela:

Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami  
wafela khona,  
Phansi lapho ekuhlanzweni esonweni  
ngakhala, . . .

Noma elinye iculo elihle elimnandi, ngokuthula ngempela. Liletha uBukhona bukaMoya oNgcwele emhlanganweni. Niyabo? Kulungile.

<sup>136</sup> Abantu bahlezi lapho. Abanye babo ngempela ba—baqala ukukhala izinyembezi bese benyukela ealtare, baphenduke ngaphambi kokuba inkonzo ize iqale. UMoya oNgcwele lapho. Niyabo? Ibandla liyasikwa. AmaKristu ayakhuleka; anezindawo zawo eziyizonazona. Awahlezi lapho ehlafuna ushingama, ethi, “Heyi, Liddie, nginike enye yelipstiki yakho; ngifuna . . . Uyazi. Uyazi. Ngidinga . . . Uyazi, ngolunyusuku ngenkathi ngisezansi lapho ngithenga, ngiyakutshela, ngacishe ngakunyathela izinzwane zakho. Ngabe ngake ngayibona enje pho . . . Ucabangani ngalokho na?” O, bakithi! Futhi niyibize ngendlu kaNkulunkulu. Ngani, yihlazo. UMzimba kaKristu uhlangana ndawonye. Sihlezi lapho.

Indoda ihlezi eceleni, “Awusho, ngenkathi siya laphaya, lo *s'bani-bani* no *s'bani-bani-s'bani-bani* . . .” Lokho kulungile ngaphandle, kodwa phakathi lapha yindlu kaNkulunkulu.

<sup>137</sup> Ngenani nikhuleka; nithathe zindawo zenu eziyizonazona. Ngikhuluma manje, hhayi emabandleni enu, bazalwane. Angazi ukuthi nenzani; ngikhuluma kulelitabernakele. Ngikhuluma kowami uqobo umnyango wangemuva. Niyabo? Kunjalo.

<sup>138</sup> Manje, uma ningena kanjalo, khona-ke into yokuqala niyazi, umelusi uyaphuma. Ungofreshi. Akadingeki ukuba aphenandle *lokhu, lokho, nokunye*. Uphuma ngqo e—emazolweni enkonzo yakhe. Kade ephansi kwamandla kaMoya oNgcwele. Uphumela ngqo lapho ezinye futhi izilimi zomlilo zibuthene khona ndawonye. Sekucishe impela kube yinsika manje (niyabo?), iyahambahamba. Uphumela lapha, ucosha lokhu. “Umlayezo ovela ebandleni: ‘ISHO KANJE INKOSI, uMfowethu Jones ukuba asuke endlini yakhe. Kusasa ntambama ngelesibili nqo ishishingishane sizoshanela izwe lakhe. Akathathe izinto zakhe bese eyasuka.’” UMfowethu Jones uyakuthola lokho. Kulungile. Lokho kuserekhodini. “ISHO KANJE INKOSI, kuzoba nowesifazane ogama lingu*S'bani-bani* uzongena lapha kulobubusuku, futhi bekungukuthi—wenze *ukuthi-nokuthi*.” (Njengoba bengisanda kusho, niyabo, kanjalo.) Kulungile, lokho kubekwe ngale. Yilokho-ke. Sebevele banayo indawo yabo eyiyonayona manje ebandleni. Kulungile.

<sup>139</sup> Bese-ke ethatha umlayezo. Nento yokuqala niyazi, uqala ukushumayela. Ayikho into ezophazamisa; isivele yenzekile. Manje, siqhubekela phambili, sishumayela umlayezo.

<sup>140</sup> Futhi emva kwesikhashana ngenkathi i . . . Into yokuqala niyazi ngenkathi umlayezo usuphelile, umugqa wokuphilisa uyaqala. Nakhu kuza owesifazane. Omunye ukhulume ngezilimi futhi wathi ubeza. Niyabo? Sonke siyazi ukuthi kuzokwenzekani. Sonke siyakwazi. Niyabona ukuthi ukukholwa kuqala kanjani ukwakha ngalezozilimi zomlilo zimi phezu kwenu manje. Luqala ukunqwabelana ndawonye. Ngani, ngumsebenzi osuqediwe nje; yilokho kuphela.

Lowo wesifazane . . . ngizothi, “UNkk. u*S'bani-bani*, waseDolobheni laseNew York, ehlezi lapha . . .” Niyabo?

“O, kunjalo. Ukwaze kanjani lokho na?”

“Ngumlayezo ovela eNkosini uya ebandleni. Ngenkathi useneminyaka eyishumi nesithupha ubudala, kwakungesuwe yini endaweni *ethize-thize* futhi wenza—wathatha imali ebandleni, futhi wayeba, wase uphuma, wase uthenga izingubo zokugqoka ezintsha ngayo na?”

“O, kunjalo. Kunjalo.”

“Yilokho impela uNkulunkulu asitshele khona kulobubusuku ngoMfowethu u*S'bani-bani*, ukhulume ngezilimi;

uMfowethu uS'bani-bani wahumusha; uMfowethu uS'bani-bani lapha washo, ngokwehlukana, wathi bekuvela eNkosini. Nalelo yiqiniso.”

“Yebo!”

“Manje-ke, ISHO KANJE INKOSI, hamba ukulungise, futhi uzowunqoba umdlavuza wakho.”

<sup>141</sup> UMfowethu Jones uya ekhaya, uthatha izingqola, uyahlehla, uthatha ifenisha yakhe, futhi uyasuka lapho. Ngelesibili nqo kusasa ntambama: Zowi! kuhamba into yonkana. Niyabo? Khona-ke ibandla likhazimulisa. . . “Siyabonga, Nkosi Jesu, ngobubele baKho.” Manje, kuyilokho-ke, ukwakha, kwenzelwa ibandla.

<sup>142</sup> Manje, uma-ke kungenzeki emva kokuba sebekushilo na? Khona-ke ninomoya omubi phakathi kwenu. Aniyifuni leyonto embi. Niyifunelani into ethize embi zibe i—izibhakabhaka zigcwele okwangempela kwePentecostal na? Ungasithathi isibambiso esidala esivela kudeveli. Thola into ethize engeyangempela. UNkulunkulu unayo ingeyakho. Manje-ke ningabe nisabanayo eminye futhi imihlangano, futhi nibeke noma yini phezulu lapha, uNkulunkulu aze ukuba usevele uyaqinisekisa ukuthi uqinisele, ngoba ungumsizi ebandleni ekusebenzeni kweVangeli. Manje, niyakuqonda ukuthi kuyini na?

<sup>143</sup> Nezilimi, izilimi ezingaziwayo. . . Akukho-muntu o—waziyo ukuthi ukhuluma ngani. Uyakhuluma; kodwa yonke imisindo inencazelo. Lokho kunencazelo [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe—Umhl.] “Glukh, glukh, glukh!” Lokho kune—lokho yi—lokho wulwimi ndawondawo.

<sup>144</sup> Ngenkathi ngiseAfrika, angizange ngikukholwe, kodwa yonke into eyenza umsindo yayinohlobo oluthize ekuchazayo kukho. IBhayibheli lathi akukho-msindo ongenakubaluleka, ongenakho okuchazayo. Yonke imisindo eyenziwe inencazelo entweni ethize. Ngani, ngangizwa abantu bethi. . . ngangithi, “UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.”

<sup>145</sup> Omunye wabo athi [UMfowethu uBranham wenza umsindo womhumushi ongumAfrika—Umhl.]. Omunye athi [UMfowethu Branham futhi uyafanekisa.]. Nalokho kwakungukuthi, “UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.” Niyabo? Kwakuno. . . Futhi kungachazi lutho kimi, kodwa kubo kwakululwimi ngokufanayo nje njengoba ngikhuluma kini. Ngenkathi umhumushi wesiZulu, isiXhosa, aBesuthu, nanoma yikuphi okunye, kuza, konke okwakushiwo, wonke umuntu wayeqonda. Nalezizinto enizwa lababantu bezimunyunga nje, futhi ucabanga ukuthi kuyinqwaba yokunkwankwaza, akusikho; kunencazelo. Ngakho sifanele sikuhloniphe ngokuzithoba, sikubeke endaweni yakho.

<sup>146</sup> Manje, mhlawumbe bekungekho-mlayezo. Manje, inkonzo isiphelile; ukubizela ealtare kuyenziwa. Futhi emva

kwesikhashana omunye (bekungekho-mlayezo emuva lapho) othize uyasukuma masinya nje uma bethola ithuba lokukwenza. UMoya oNgcwele. . . Manje, iBhayibheli lathi, “Uma engekho ohumushayo, makathule.” Akunandaba ukuthi uzama kabi kanjani ukukhuluma, thula.

147 Awusho, “Angikwazi ukukwenza.” IBhayibheli lathi wawungakwenza. Niyabo? Ngakho lokho—lokho kuyakuxazulula. Niyabo? Makathule.

148 Manje-ke, nxa ku, ithuba liyafika lapho zonke izinto zihlelekile, manje-ke uma uMoya oNgcwele ugxumela kuye ukunikeza umlayezo, khona-ke akawunikeze. Yilokho impela enifanele nikwenze. Khona-ke ukhumusha kuyafika, kwathi, “Kunowesifazane phakathi lapha ogama linguSally Jones (ngithemba ukuthi lowo wesifazane akekho phakathi lapha oyilelogama, kodwa. . .) Sally Jones. (Niyabo?) Mtshele ukuthi lobu ngubusuku bokugcina bokubizwa kwakhe. Akakulungise noNkulunkulu ngoba unesikhathi esifishane ezobe elapha.” Manje, uSally Jones uzogijimela ealtare ngokukhulu nje ukushesha angakwenza ukufinyelela lapho (niyabo?), ngoba lokho ngukubizwa kwakhe kokugcina. Niyabo? Lokho ngukunikeza umlayezo, noma ukuqinisekisa, noma into ethize.

149 Lelo yibandla lePentecostal lisekusebenzeni. Akukho ukuba nezenzeko kwimimoya emibi ukuba ingene ngesinyelela, ngoba sekuvele. . . IBhayibheli linikeza khona ngqo, “Makube ngokudedelana, nalokho kube ngabathathu; futhi makuthi ababili noma ngaphezulu bahlole.” Lelo yibandla. Kodwa sikutholephi namhlanje na? Kuyagxunywa, kuqhutshekwe, kuhlekwe futhi kuqhutshekwe ngenkathi omunye esakhuluma ngezilimi; omunye ebuka, exoxa ngenye into ethize futhi behamba beminyanisa; umelusi enza into ethize; noma omunye ehamba eminyanisa. Awu, lokho akulungile. Mhlawumbe umelusi eshumayela, nomunye asukume futhi amphazamise e. . . Mhlawumbe efunda iBhayibheli nomunye. . . Efunda iBhayibheli, nomunye emuva lapho ekhuluma ngezilimi. O, qhabo! Niyabo? Umshumayeli emile eshumayela epulpiti, omunye asukume futhi amphazamise, ekhuluma ngezilimi. Kulungile. Angisho ukuthi akusuye uMoya oNgcwele, kodwa ubufanele wazi ukuthi usetshenziswa kanjani uMoya oNgcwele (niyabo?), ukuWusebenzisa.

Manje, ngi—ngithatha. . . Nisenayo indawo yomunye futhi na? Manje-ke, kusasa yiSonto. Manje-ke, sizo. . . Nje asi. . . Nanku owodwa. Ngicabanga ukuthi ungonomusa kakhulu kakhulu. Futhi manje, uma nje nonke nizongibekezelela imizuzu emide embalwa nje, ngiyacela. Bese kuthi-ke, ngizo. . . ngifuna ni—ngifuna nikuthole lokhu. Ngikonge lokhu ngenhloso. Lona ngowami wokugcina.

Manje, kuqala, ngizofunda izinto ezimbili umuntu azibuzile. Kusesiqeshini esidala sephhepha, sibhalwe ngesandla esihle. Anginalwazi ukuthi bekungubani, akukho-gama elisayinwe ku—kunoma yiyiphi yayo.

**98. Mfowethu Branham, kulungile yini ukuba abefundisi benze imidonso emide yemali ezinkonzweni zabo, besho ukuthi uNkulunkulu ubatshele ukuthi abangaka ezethamelini bafanele banikele ngengaka na? Uma lokhu kulungile, ngifuna ukwazi. Noma uma kungalungile, ngifuna ukwazi. Lokhu kungiphazamise kabi kabi.**

<sup>150</sup> Manje, uyabo, mngane, ngizokutshela, ngizokutshela engikucabangayo. Uyabo? Manje, lokho akuchazi ukuthi kulungile. Ngicabanga ukuthi kubi kabi.

<sup>151</sup> Manje, ngicabanga lokhu. UNkulunkulu wangithumela ensimini. Ngisibonile isikhathi lapho engangibukeka sengathi ngiyoba okungenani... Futhi nga—ngangingenamali nhlobo. Futhi ngangithi, “Yedlulisa ipleti lenkongozelo nje.”

Nemenenja yayiza kimi bese ithi, “Buka, Billy, sisezikweletini ezingamadola ayizinkulungwane ezinhlanu kulobubusuku, Mfana. Unayo imali eJeffersonville ukuyikhokha na?”

<sup>152</sup> Ngithi, “Kulungile. UNkulunkulu wangithumela lapha, kungenjalo bengengeke ngize. (Niyabo?) Dlulisa ipleti lenkongozelo nje.”

Futhi ngaphambi kokuba umhlangano uphele, omunye uthi, “Niyazi, iNkosi ibeke enhliziyweni yami ukuba nginikele amadola ayizinkulungwane ezinhlanu kulokhu.” Niyabo, niyabo? Kuqala, holwa ukuba ukwenze.

<sup>153</sup> Angikholelwa ekudonseni, nokunqiba, nokunxiba imali. Ngicabanga ukuthi kuyinto engalungile. Manje, mfowethu, uma ukwenza, ungangivumeli ngikulimaze imizwa yakho. Uyabo? Unga—ungahle ube nendlela evela kuNkulunkulu ukuba ukwenze. Kodwa ngizikhulumela ngesingami nje. Angikholelwa kukho.

<sup>154</sup> Manje, ngize ngazi ngisho nangabefundisi behamba futhi bethi... ngama ngqo, kungekudala... Manje, lawa akusiwo amaPentecostal, lokhu yi... Awu, ngamabandla (niyabo?), amanye amabandla. Kwakusemhlanganweni omkhulu wokukhempa. Gertie, wawunani, abanengi abanye bakhona. Futhi athatha intambama yonkana ehlelweni elidumile—amabili noma amathathu awo endawonye (lawo ngavamile amabandla avamile, njengamabandla akithi esimodeni lapha edolobheni, nokunye nokunye) engqungqutheleni enkulu—futhi athatha intambama yonkana, emi emsamo—futhi esabisa ngokuthi uNkulunkulu wayezobhubhisa ukudla kwabo okusanhlamvu, kuyonikeza abantwana bawo ipoliyo, nezinto ezinjalo, uma bengafakanga kulowomhlangano. Lelo yiqiniso impela,

naleliBhayibheli phambi kwami. Ngathi, “Kungukuhlambalaza kuNkulunkulu nakubalandeli baKhe.” Uma uNkulunkulu ekuthuma, Uzokunakekela. Uma Engakuthumanga, khonake ihlelo malikunakekele-ke. Kodwa—kodwa u...Uma uNkulunkulu ekuthuma, Uzokunakekela.

### 99. Kuthiwani ngomdlalo kaKhisimuzi ebandleni likaMoya oNgcwele na?

<sup>155</sup> Awu, uma kumayelana noKristu, kungahle kube kahle. Kodwa uma kumayelana noSanta Claus, angikholelwa kuye. Ngi—sengivele ngikhulile—sengivele ngikhulile ngaqhela kulokho. Angikholelwa kuSanta Claus nhlobo. Niyabo? Nezinye zalezizinto zikaKhisimuzi ezincane abanazo, ngicabanga ukuthi kuyinhlelisa. Futhi...Kodwa ngicabanga ukuthi bakhiphe wonke uKristu kuKhisimuzi base befaka uSanta Claus kukho.

<sup>156</sup> NoSanta Claus yindaba eyingane kwane. (Angilimazi noma yimiphi yemizwa yenu, ngiyethemba, mayelana nabantwana.) Kodwa ngizonitshela. Lapha kungekudala, cishe amashumi amabili-nanhlanu, iminyaka engamashumi amathathu eyadlula, ngenkathi umfundisi lapha kulelidolobha, umelusi we—webandla elithize elikhulu lapha edolobheni, engangimazi kahle kakhulu, umngane wami wesifuba, wahamba weza kimi. NoCharlie Bohannon (Mfowethu Mike, uyamkhumbula uCharlie Bohannon, umngane wami olungileyo)... Wahlala lapho eofisi lakhe wayesethi, “Angisoze ngatshela abantwanyana bami noma ngibe nabazukulu bami ukuba babe besatshelwa lawomanga.” Wathi, “Umfana wami uqobo omncane wenyukela kimi emva kokuba esebe cishe neminyaka eyishumi nambili ubudala, futhi ekhuluma ngoSanta Claus...” Futhi yena, wathi, “Ngani... S’thandwa, nginento ethize engifanele ngikutshela yona,” Wathi, “Mama...” Niyazi, futhi eqhubeka emtshela ukuthi wenzani.

Manje-ke emva kokuba esebuya, wathi, “Manje-ke, Babayi, ngabe loJesu uyinto efanayo na?”

<sup>157</sup> Khuluma iqiniso. USanta Claus ungumfo othi akagqokise okweKatolika, uKris Kringle noma uNicholas oNgcwele, ongcwele oyiKatolika elidala laseJalimane weminyaka eminingi eyadlula owayehambahamba enza okuhle kubantwana. Futhi bakuthwale behla nakho njengesiko. Kodwa uJesu Kristu uyiNdodana kaNkulunkulu. Ungowangempela, futhi Uyaphila.

Manje, nanku umbuzo, wokugcina, ngempela ongo...

<sup>158</sup> Manje bukani. Ningahle ningavumelani nami kulokho. Kodwa uma ningavumelani nami, khumbulani, makube ngobungani, nizokwenza na? Ngiyanithanda, futhi angifuni uku—ngifuni ukunilimaza. Nje ngi, ngifuna ukuba qotho. Uma ngingena...uma ngitshela umfana wami amanga, khona-ke ngingumqambimanga. Niyabo? Ngifuna ukumtshela iqiniso.



<sup>159</sup> Manje, ngimtshela ngoSanta Claus, ngithi, “Ya, impela, kunoSanta Claus. Bhekisisa uBabayi ngobusuku bukaKhisimuzi.” Niyabo? Ya.

<sup>160</sup> Niyazi, ngolony’usuku ngangisezansi lapho, futhi ngakuzama lokho entombazaneni encane ukuba ngibone nje. Impela ngithole ukubuye ngikhokhelwe kuthangi. Ngangisesakhiweni. Futhi babemi lapho, ezansi lapha eQuaker Maid. Futhi ngehlela lapho ukuba ngithenge igilosa. Futhi ngakho thina, unkosikazi nami, ngangiphakathi lapho. Futhi kwakukhona intombazane encanyana, yayingakevi cishe ezinyangeni eziyishumi nesishiyagalombili ubudala, futhi yayimi lapho, ihamba, icula, “IziNsimbi eziKhencezayo, iziNsimbi eziKhencezayo. . .” Ngase ngithi. . . Estendeni sayo esincane, niyazi, ihlezi kwingemuva lenqola encane.

Ngathi, “Ufuna uSanta Claus na?”

Yathi, “Lowo ngubabayi wami, Mnumzane.”

Ngathi, “Ayibusiswe inhliziyu yakho encane, S’thandwa. Unokuhlakanipha.”

Manje, naku okungokunamathela ngempela, bangane. Futhi kulokhu. . . Ngizobe sengivala-ke. O, ngu—ngumBhalo omuhle kakhulu, kodwa ungonamathelayo kuwo wonke umuntu obonakala enjalo. Futhi wanamathela kimi iminyaka ngeminyaka; futhi ngomusa kaNkulunkulu kuphela. . . Nomkami oligugu, ehlezi ngqo emuva lapho manje, ngenkathi ezwa ukuthi benginalowombuzo ngalentambama, uthe, “Bill, uwuphendula kanjani lowo na?” Wathi, “Bengimangala njalo ngalokho qobo lwami.” Wathi, “Angizange ngikwazi ukuwuqonda.” Wayesethi. . .

Ngathi, “Yehla kulobubusuku, Mntakwethu. Ngizokwenza okwedlula konke ngosizo lukaNkulunkulu.”

### **100. Mfowethu Branham, ngicela uchaze amaHeberu 6:4 kuya kwele 6.**

<sup>161</sup> Lokho kukanye ngempela ku. . . Niyabo, manje nizofanele nibhekisise lapha ekukholweni kwethu, umusa, ukuphepha kwamakholwa, ukubekezela kwabangcwele, ukubekezela, njalo, kwabangcwele. AmaHeberu isahluko 6, 4 kuya kwele 6.

Manje, kothi nje kunga. . . qeda lokhu, khona-ke ngithemba ukuthi uNkulunkulu uzongisiza ngikwenze kucace ngempela kini. Ngiyaxolisa, ngi—nginoMlayezo wami wakulobubusuku; mhlawumbe ngizoshumayela into efanayo ekuseni e—enkonzweni. Ngizobe sengihamba-ke.

<sup>162</sup> Manje, lokhu ngokunamathelayo ngempela. Niyabo? Manje, nizofanele nibhekisise. Manje khumbulani, sikhulwa futhi sifundisa kulelibandla, akusikho ukuthi yonke into equbuka futhi imemeze, yonke into ekhuluma ngezilimi, yonk’into exhawulana nomshumayeli, inokuPhila okuPhakade.

Kodwa siyakholwa uma unokuPhila okuPhakade, uma uNkulunkulu ekuphe ukuPhila okuPhakade, unaKho kuze kube phakade. Niyabo? Ngoba bukani. Uma kungakwenzanga, uJesu ufunyanwa engumfundisi wamanga. KuJohane oNgcwele 5:24, Wathi, “Ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okuNgunaphakade, futhi akayikuya ekwahlulelweni, kepha usedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Manje, phikisana naYe. “Konke uBaba aNgiphe khona...Akekho ongeza kiMi uma uBaba engamdonisi. (Ngicaphuna umBhalo.) Wonke oza...Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonisi kuqala. Nakho konke lokho uBaba waMi aNgiphe khona kuyakuza kiMi. (Niyabo?) Naye wonke lowo oza kiMi, Ngiyakubapha ukuPhila okuNgunaphakade (uJohane oNgcwele 6), futhi ngiyakumvusa ngemihla yokuphela.” Lokho ngamazwi aKhe.

<sup>163</sup> Manje bukani. Ukuba bengingabuyela kwabase Efesu isahluko 1, uPawulu eshumayela...Manje, abaseKorinte, ngamunye wayenolimi nehubo. Niyaqaphela amanye amabandla ayengenaye leyonkathazo. Akazange ashlo lutho ngakho. Ngabe wake waziphatha izilimi nomaphi ebandleni lase Efesu, ibandla laseRoma na? Qhabo! Babenezilimi nayo yonke into njengoba nje kwenza abaseKorinte, kodwa babenakho kuhlelekile. AbaseKorinte babengakutholi nje kuhlelekile. Niyabo? Kodwa uPawulu wehlela lapho wayesebeka ibandla ngokuhlelekile.

Manje, u...ngiyakholwa, njengoba uOral Roberts ethi, “UNkulunkulu unguNkulunkulu olungileyo.” Anikukholwa lokho na?

<sup>164</sup> Futhi uthi, “Awu, kuthiwani ngamaPentecostal ngezilimike, Mfowethu Branham na?” Ngicabanga ukuthi anoMoya oNgcwele. Impela ayenawo. Kulungile, ngani na? Bukani. Niyakholwa ukuthi UnguNkulunkulu olungileyo na? UThomase wathi ngesinye isikhathi, “Uyazi, Nkosi...”

Bonke abanye babo baMkholwa. Bathi, “O, siyazi Unguye ngempela!”

“O,” uThomase wathi, “qhabo, qhabo, angikukholwa. Indlela kuphela engizokukholwa ngayo, ngizofanele ngibe nobufakazi obuthize obubonakalayo. Ngizofanele ngifake iminwe yami ohlangothini lwaKhe nasemanxebeni ezipikili ezandleni zaKhe.”

UnguNkulunkulu olungileyo. Wathi, “Woza, Thomase. Nakhu la ukhona.”

“O,” uThomase wathi, “manje sengiyakholwa.”

<sup>165</sup> Wathi, “Yebo, Thomase, emva kokuba usuNgibonile, futhi waNgiphatha, futhi wabeka isandla saMi...izandla zakho ohlangothini lwaMi, uyakholwa. Kodwa mkhulu kangakanani umvuzo wabo abangakaze babone futhi nokho bakholwe.” UnguNkulunkulu olungileyo. Ukunika isifiso senhliziyi yakho,

kusobala. AsiMkholwe nje. Lokho yi—lokho yi—lokho yisitroki sokufa kuSathane. Nxa umuntu ethatha uNkulunkulu eZwini laKhe, mfowethu, lokho kuyobulala uSathane ngaso sonke isikhathi. Lokho ngukushaya okul'khuni kunakho konke uSathane angakuthola, nxa umuntu ezothatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Yebo, mnumzane. Njengoba ngishilo, “Umuntu akayikuphila yedwa (uJesu, ngobunye ubusuku), kepha ngamaZwi onke aphuma . . .”

<sup>166</sup> Manje, qaphelani lokhu. Manje ngizoqala evesini lokuqala:

*Ngakho-ke masidlule esifundisweni sokuqala ngoKristu, sithubekele kokupheleleyo; . . .* (Manje, into yokuqala engifuna niyazi: ukhuluma kubani uPawulu lapha na? AmaHeberu. Bathi, “AmaHeberu,” phezulu eqhulwini, iNcwadi yamaHeberu. Kunjalo na? AbaJuda ababekade benqabe uJesu. . . Ninga—niyakubamba manje na? Ukhuluma kubaJuda, ebakhombisa isithunzi somthetho ungumfanekiso kaKristu. Zonke izinto ezindala umfanekiso wezintsha. Manje bhekisisani.)

*. . . sidlule esifundisweni sokuqala ngoKristu, sithubekele kokupheleleyo; . . .*

<sup>167</sup> Manje, kade ekhuluma kubo mayelana nezimfundiso. Masihambe futhi sikhulume ngezinto eziphelelisiwe. Manje, niphelisiwe kuNkulunkulu nxa nibekwe uphawu ngoMoya oNgcwele kuze kube lusuku lokuhlengwa kwenu. “Ozelwe nguNkulunkulu (uJohane wokuQala) akenzi isono; ngokuba angone, ngokuba iMbewu kaNkulunkulu ihlala kuye.”

<sup>168</sup> Umuntu ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, hhayi ocabanga ukuthi ugcwalisiwe, kodwa ozelwe nguMoya kaNkulunkulu akenzi isono, ngokuba iMbewu kaNkulunkulu ikuye, futhi angone. Niyabo? Ngabe iBhayibheli liyakusho lokho na? Ngakho nakho-ke. U. . . Hhayi okwenzayo, ini, yini, hhayi ukuthi izwe licabangani ngawe, kuyilokho uNkulunkulu akucabanga ngawe. Niyabo, niyabo? Ungeke. . . Ngingaba kanjani nokugunyazwa okubhalwe yimeya yedolobha, ukuthi ngingagijima amamayela angamashumi amane ngehora ngidabula edolobheni, futhi noma yiliphi iphoyisa lingibophe na? Ngingeke. Ngingona kanjani kube kukhona umnikelo wegazi phambi kukaNkulunkulu njalonjalo, lapho Engeke ngisho angibona; nxa kukhona ibhampa e—e. . . phambi kwami noNkulunkulu, isihlangu seGazi na? Ngokuba sifile, nokuphila kwethu kufihliwe kuKristu ngoNkulunkulu, ngabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele. Kungaba kanjani ezweni ukuba wenze noma yini engalungile ebusweni bukaNkulunkulu? “Uma sona ngamabomu (amaHeberu 10) emva kokuba sesamukele ukwazi kweQiniso, awusekho umhlatsshelo ngesono.” Phakathi lapha akunakwenzeka (niyabo?) ukona ngamabomu.

<sup>169</sup> Manje, asiqhubeke futhi sifunde. Kulungile.

*...pheleleyo; singabuyi sibeke isisekelo so—  
sokuphenduka emisebenzini efileyo, nokukholwa  
kuNkulunkulu,*

*Nesifundiso semibhaphathizo, . . . beka izandla,  
nokuvuka kwabafileyo, no . . . kwahlulelwa  
okuphakade.*

*Siya . . . kwenza lokhu, uma uNkulunkulu evuma.*

*(Manje nakhu lapho abebefuna ukuqala khona,  
kusukela evesini 4.) Ngokuba akunakwenzeka  
ukuba labo . . . abake bakhanyiswa, banambitha  
isiphiwo sasezulwini, benziwa abahlanganyeli kuMoya  
oNgcwele,*

*Banambitha izwi elihle likaNkulunkulu, namandla  
ezwe elizayo,*

*Uma behlubuka, kungenzeke ukuba babuye baviruswe—  
baviruswe baphenduke; lokhu sebezibethelela iNdodana  
kaNkulunkulu kabusha, bayithela ngehlazo obala.*

<sup>170</sup> Manje, manje, lokho kubukeka sengathi, kusukela endleleni okufunda ngayo lapho, ukuthi umuntu ubengemukela uMoya oNgcwele, bese kuthi-ke ahlubuke futhi alahlwe. Kodwa akunakwenzeka kuye ukuba akwenze. Niyabo? Angekwenze. Uma akwenza, uKristu waqamba amanga. Niyabo? Akunakwenzeka kulabo abake bakhanyiswa. Manje, bhekisisani lapha. Ukhuluma kobani na? Ukhuluma kulabobaJuda abathiyeka emngceleni. Akazange athi umuntu egcwaliswe ngoMoya oNgcwele; wathi, “Uma enambithe iZwi likaNkulunkulu.”

<sup>171</sup> Manje, ake ngikunikeze ngokufanekisa, ukuze nizobona futhi ningezukukugeja manje. Manje, uloba kulababaJuda. Abanye babo amakholwa athiyeka emngceleni. Niyabo? Wathi, “Manje, sizoyishiya lemisebenzi bese siqhubeka ukuba sikhulume ngokuphelela.” Wathi, “Manje, sikhuluma ngemibhaphathizo, nokuvuka kwabafileyo, nokubeka izandla, nayo yonke into; kodwa asiqhubekele phambili manje ukuba sikhulume ngokupheleleyo. Manje, sizokhuluma ngokuthi nxa uza ungena kuMoya oNgcwele. Manje, kade uzilazila emhlazanweni isikhathi eside . . .”

<sup>172</sup> Futhi nibabonile labobantu. Bayohlala ngakhona; abayikungena noma baphume. Bayawuthokozela uMoya oNgcwele. Bayoza ngakhona. Futhi mhlawumbe uMoya oNgcwele wenza into ethize futhi, abesilisa, bayosukuma futhi bamemeze, futhi bagxume baye phansi-na-phezulu kwiphansi lendlu ngakho, kodwa abafuni neze ukuMemukela qobo lwabo. Qhabo, qhabo! Niyabo? Futhi bayothi, “O, yebo, lokho kuhle. O, angazi ngalokho manje.” Niyabo, niyabo, niyabo? Amakholwa athiyeka emngceleni. Asondele kakhulu nje aze akwazi ukuMnambitha, kodwa nokho abaMemukeli. Niyabo?

Manje, bazilazila kanjalo isikhathi eside kakhulu kuze kuthi emva kwesikhashana bashushumba ngokuphelele bahambe. Ngingabiza amagama abanengi owayesetabernakele, benze into efanayo. Bawa baya kude le futhi, ukuba babuye bazivuse bona ekuphendukeni, akukho-kuphenduka kubo. Bamdabukisile nje uMoya wasuka kubo. Bebesondele kakhulu baze. . .

173 Lapha, uma beningaphenya kanye nami (aninaso isikhathi, ngiyazi, manje) kodwa uma beningaphenya kuDuteronomi isahluko 1 futhi nimfunde, nizothola into efanayo. Nikumaka phansi manje, uDuteronomi isahluko 1. Manje, futhi siqale evesini 19 futhi sifunde siqhubekele kwelama 26. UDuteronomi. . .Nizothola. . .Manje bukani. Wonke uIsrayeli. . .Okwenziwa yilabobantu, bafika eKadeshi-barineya. O, ngibona into ethize! Lelitabernakele, lelizwe lePentecostal liseKadeshi-barineya khona manje. Kunjalo impela, Mfowethu Neville. SiseKadeshi-barineya, isihlalo sokwahlulela kwezwe (sasiyisihlalo sokwahlulela).

174 Nezinhloli zaphuma. UJoshuwa wathi lapha, “Manje, ngithume izinhlozi,” noma uMose, njalo, “Ngithume izinhlozi, ishumi nambili, enye yazo, indoda eyodwa ngayinye yezizwe zenu. Ngizithumele ukuba zihlole izwe bese zibuyisa umbiko.” Kunjalo na?

Futhi ngenkathi zibuya, kwakukhona eziyisishiyagalolunye kweziyishumi nambili ezathi, “O, yizwe elihle, kodwa o, bakithi, asikwazi ukulithatha. O, he! Ama-Amori alapho, futhi sibukeka njengezintethe enhla ohlangothini lwawo. Angamadoda ahlomile. Izindonga zawo zinkulu. O, kukakhulu. . .ngani, ngifisa sengathi ngabe safu ezansi ngaleya eGibhithe esikhundleni sokuthi wena usikhiphele lapha.”

175 Kodwa, uKalebi omdadlana benoJoshuwa bagxuma babheka phezulu enhla lapho base bebathulisa; bathi, “Singaphezu kwamandla ukulithatha.” Yebo, mnumzane! Nango oyedwa. Manje bukani. Kwenzekani na? UKalebi noJoshuwa bazi ukuthi uNkulunkulu wanikeza isithembiso salo: “Angikhathali ukuthi likhulu kangakanani, ukuthi izithiyo ziningi kangakanani, ukuthi ziphakeme kangakanani, ukuthi zinkulu kangakanani, lokho akuhlangene ngalutho nakho. UNkulunkulu washo njalo, futhi singalithatha.” Futhi niyazi yini ukuthi babeyibo kuphela abantu ababili aba, kulezigidi ezimbili nengxenye, ezake zawelela ezweni na? Ngoba babamba ukukholwa kwabo kulokho uNkulunkulu athi kuyiQiniso. Amen!

176 Itabernakele, khona manje, limi eKadeshi-barineya. Bukani, labobantu wayesondele kakhulu baze banambitha ngisho namagilebhisi ephuma ezweni. Badla amagilebhisi. Ngenkathi uKalebi nabo bewela base bebuya namagilebhisi, labobafo bahlephula eminye base beyidla. “O, mihle, kodwa

ngeke sakwenza.” “Labo abanambithe umsebenzi omuhle kaNkulunkulu, banambitha okukaMoya oNgcwele, babona okuhle kwaWo, banambitha okwaWo, banambithe okweZwi likaNkulunkulu...” Niyakubona lokho na? Akukho namunye walawomadoda, lutho namunye wabo owake wavunyelwa ukuba awele. Babhubha ezweni labo uqobo, ngapha ehlane. Abazange bawele, nokho babesondele ngokwenele ukuLinambitha, kodwa bengenawo ngokwenele umusa nokukholwa ukuLithatha. Kuyilokho-ke.

177 Manje. Manje lalalani kulowomuntu othandekayo obhale lencwadi. Asifunde ivesi elilandelayo nje. Bhekisisani umzuzo nje. Bhekisisani uPawulu. Manje asifunde ele 7:

*Ngokuba umhlabathi...ophuza imvula efika kaningi phezu kwawo, umilisa imifino ukudla abawulinyelwayo, uyabusiswa nguNkulunkulu:*

*Kepha uma uveza ameva nekhakhasi uyaleka, useduze nokuqalekiswa; ukuphela kwawo ngukushiswa.*

178 Manje, niyabona ukuthi uthini na? Manje bhekisisani. Bekunalombuzo lapha; manje, sizobe sesivala-ke...Lento kwathi ayingibulale iminyaka.

179 Ngaya emhlanganweni ngesinye isikhathi lapho abantu babekhuluma khona ngezilimi eMishawaka, eIndiana. Manje, ngiphambi kwesixuku sami uqobo. Nibezwile labobantu... bangizwa ngixoxa umlando wami, nangendoda eyikhaladi eyathi, “Nangu. Nangu.” Manje, ngakuxoxa lokho.

180 Kodwa okunye kwakho: ngibone amadoda amabili. Aye...Eyodwa yayinikeza umlayezo, enye iwuhumushe. Enye inikeze umlayezo, nenye iwuhumushe. Futhi mfowethu, ayeqinisile. Lokhu nje...Ngacabanga, “Bakithi! Angikaze ngibone noma yini enjengaleyo.” Ngathi, “Ngiphakathi kwezingelosi.” Ngacabanga, angikaze ngibone noma yini... Eyodwa yayikhuluma, nenye...

181 Ngase ngihlala emuva lapho, njengomshumayeli omdadlana, ni...[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...omabili indoda ngesinye isikhathi futhi ngiwaxhawule. Angikaze ngiwabone amadoda anje empilweni yami. Ayekhuluma umlayezo, nomunye wayewuhumusha. Futhi he, he! Kwakumangalisa! Eyodwa, yayikhuluma nenye ihumushe. Omabili...Futhi ayephenduka nje abe mhlophe okukashoki ngenkathi ephakamisa izandla zawo. Ngacabanga, “O he, he, bengikuphi yonke impilo yami. Yiyo lento!” Ngathi, “He, amaPentecostal aqinisile.” Kunjalo impela.

182 Angizange ngibone okuningi kodwa nje okwakuqinisile phansi ngakhona phakathi lapha, lapho i...Mhlawumbe abesifazane abathi ababe babili nemishini ndawondawo. Futhi babeqophisana; nomunye ebiza omunye ngokuthi, “uthi lokuhlala uklebe,” futhi, niyazi, kanjalo nje, ukuthi

ukuqophisana omunye nomunye. Kungesikho ukwedelela kwabesifazane manje noma lutho, kodwa nje...Kwa—kwakusekuhleleni okuphansi. Uma noma yimuphi wenu... Uyakhumbula, Mfowethu Graham. Wawusengumfanyana nje ngalesosikhathi. Futhi ngakho, yileyo ndlela okwakungayo.

Futhi ngakulalela lokho, futhi ngacabanga, “O, he, ngizithele ezingelosini.”

<sup>183</sup> Ngoluny’usuku ngiza ngijika ikhona lendlu, cishe ngosuku lwesibili, ngahlangana nenye yendoda. Ngathi, “Sawubona, Mnumzane?”

Yathi, “Sawubona?” Yathi, “Ngabe... Ubani igama lakho?”

Ngase ngithi, “Branham.”

Yathi, “Ungowaphi? Lapha?”

Ngase ngithi, “Qhabo, ngingowaseJeffersonville.”

Yathi, “Awu, lokho kuhle. UyiPentecostal?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane, angisiyo.” Ngathi, “Angiyivumi nje indlela yePentecostal yokwemukela uMoya oNgcwele,” ngathi, “nokho,” ngathi, “ngilapha ukuba ngifunde.”

<sup>184</sup> Yathi, “Awu, lokho kuhle kakhulu.” Futhi ngikhuluma kuyo, ngibamba omoya wayo (njengowesifazane emthonjeni), yayingumKristu wangempela. Mfowethu, ngiqonde ukuthi yayizwakala kahle. Yayikahle. Manje, nina nonke... Bangaki obesemihlanganweni yami futhi bazibone lezozinto zenzeka na? Niyabo? Nendoda yayikahle ngokuphelele. Ngakho manje-ke, nga—ngacabanga, “Lapho! He, kumangalisa kanjani!”

<sup>185</sup> Cishe ngalokho kuhlwa, ntambama ngesinye isikhathi, ngahlangana nenye. Ngathi, “Sawubona, Mnumzane?”

Yathi, “Sawubona? Ubani igama lakho?” Ngase ngiyitshela. Yayisithi, “Se... U—uyiPentecostal?”

Ngathi, “Qhabo, mnumzane, angisiyona ngempela iPentecostal, angiqageli.” Ngathi, “Ngisenhla nje lapha ukuba ngifunde.”

Yathi, ngathi, yathi, “Sewake wawuthola uMoya oNgcwele?”

Ngathi, “A—angazi.” Ngathi, “Ngokwalokho nonke eninakho, ngiqagele anginakho.”

Yayisithi, “Sewake wakhuluma ngezilimi?” Ngathi, “Qhabo, mnumzane!”

Yathi, “UbungakabinaWo-ke.”

<sup>186</sup> Ngase ngithi, “Awu, ngi—ngiqagele lokho kunjalo.” Ngathi, “Angazi. Kade ngishumayela nje cishe iminyaka emibili, ngaphansi kwayo,” ngase ngithi, “angazi kakhulu kangako ngaWo.” Ngathi, “Mhlawumbe angazi.” Ngathi, “Ngeke ngaqonda...” Kubanga ini, ngangizama ukuyibamba lapho

(niyabo?), ukukubamba. Futhi ngenkathi ngenza, uma ngake ngahlangana nomzencisi, lapho kwakungomunye wabo. Umkayo wayenekhanda elimnyama; futhi yayihlala nowesifazane okhanda elinezinwele ezimhloshana, yayinabantwana ababili ngaye; futhi ikhuluma ngezilimi, iluhumusha njengokuphelele ngakho konke nje. Ngase ngithi, “Manje, Nkosi, yini lena engingene kuyo na?” Ezingelosini, ngangingazi ukuthi ngangingene kukuphi. Ngathi, “Ngi—ngi—ngingoqavile; kufanele kube yiBhayibheli. Kufanele kube ngokuqinisele. Kukhona okungalungile ndawondawo, Nkosi. Kungaba kanjani lokho na?”

<sup>187</sup> Ngaya emhlanganweni ngalobobusuku, nalowoMoya wawehla; futhi mfowethu, wawungaWuzwa, ukuthi WawunguMoya oNgcwele. Yebo, mnumzane! Uma Wawungesiwo, Wafakazelana nomoya wami ukuthi WawunguMoya oNgcwele. Futhi nje ngangisengumshumayeli osemncane, futhi ngingazi ukuthi kanjani, kakhulu ngokwehlukaniswa komoya. Kodwa ngangihlezi lapho. Futhi ngiyamazi yena impela uNkulunkulu owangisindisa, lokho kwakungukuzwa okufanayo. . . Ngezwa sengathi ngangihamba ngidabula ophahleni, kwakungukuzwa okumangalisa ngempela kulesosakhiwo. Ngase ngicabanga. . .

<sup>188</sup> Cishe amakhulu ayishumi nanhlanu abo lapho. Ngase ngicabanga, “He, o he!” Izigejane ezimbili noma ezintathu zabo zazihlangene. Ngase ngicabanga, “Awusho, he! Kungaba kanjani na? Manje, lowoMoya omkhulu kulesisakhiwo wehla kanjalo; nalapha, ngibuka lokhu kwenzeka phezu lapho, lababafo bekhuluma ngezilimi, behumusha, benikeza umlayezo ngokuphelele—nomunye wabo engumzencisi nomunye eyindoda kaNkulunkulu yangempela.” Ngase ngicabanga, “Manje, ngidideke ngakho konke. Angazi ukuthi ngenzenjani.”

<sup>189</sup> Awu, masinya emva kwakho, umngane wami olungile, Mfowethu Davis (uyazi), waqala ethi ngangingunodoli. Lelo yithoyizi lentombazane, niyazi. Futhi ngakho, ngangiseyimpohlo, futhi ngakho ngi. . . Waqala eqhubeka ngami, futhi—ke eqhubeka, ethi ukungenza ihlaya lokugcona.

<sup>190</sup> Futhi sasinencane. . . Nonyoko nathi sonke kwakunemihlangano emincane ngasezindaweni ezehlukene. Itabernakele lalinga—lalingahambi ngalesosikhathi, futhi sasinemihlangano emincane izindawo ezehlukene. Futhi ekugcineni ngoluny’usuku, emva kokuba itabernakele lase lakhiwe, iminyaka eminingi kamuva, ngenyukela eGreen’s Mill emgedeni wami ukuba ngiyokhuleka, ngoba uMfowethu Davis wayesho izinto ezithize ezesabekayo ngami e—e—ephapheni lakhe. Ngangimthanda. Ngangingafuni lutho ukuba lwenzeke, futhi nge—ngenyukela lapho ukuba ngimkhulekele. Ngase ngenyukela lapho, ngase ngingena emgedeni. Ngase ngihlala phakathi lapho cishe izinsuku ezimbili. Ngase ngithi,



“Nkosi, mthethelele. A—akakuqondile—qondile lokho.” Ngase ngicabanga, “Uyazi. . .” Kwenzeka nje ngacabanga ngomBhalo.

<sup>191</sup> Ngase ngiphuma. Futhi kwakukhona ugodo (lologodo lusalele lapho, ngangikulo lapha kungekudala) lwehle luvula entabeni futhi lulele luvundle indlela encane yezinyawo eza izungeza ivela emfudlaneni. Ngase nje ngilugxamalazela ugodo, ngibuka ngaphesheya kwezintaba emuva le—emuva lapho, ngase ngibeka iBhayibheli lami lenekwe kanjalo. Ngacabanga, “Niyazi. . .” Ngangicabanga ngomBhalo: “Umkhandi wethusi, wenze okuningi ukulimaza kimi, futhi washo izinto.” Niyazi. . . ngacabanga, “Ngikholwa ukuthi ngizokufunda nje lokho.” Ngalivula qheke iBhayibheli, ngase ngithi, “Awu. . .” Ngesula ubuso bami, nomoya waphephetha, futhi walivula kumaHeberu 6. “Awu,” ngathi, “lokho akusikho lapho okukhona.” Ngase ngiLibeka emuva kanje. Nomoya waphephetha futhi wase ubuye uLivula futhi. Ngase ngithi, “Manje, lokho kuyaxaka, umoya uliphephetha libuyela emuva kanjalo.” Ngakho ngacabanga, “Awu, ngikholwa ukuthi ngizolifunda.” Futhi kwathi:

*Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhayiswa, . . . benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele, banambitha i . . . Zwi likaNkulunku, nanto yezwe elizayo.*

Ngacabanga, “Awu, angiboni lutho ngalokho.” Ngalifunda ngehla, sonke isahluko. Akukho lutho kuso. Ngathi, “Awu, lokho—lokho kukuxazululela lokho.” Futhi nga—ngakubona kanje, futhi kwabuye kwabuya futhi. Ngase ngiLicosha, ngase ngicabanga, “Awu, yini leyo?” Ngaqhubeka ngikufunda, futhi ngikufunda, futhi ngikufunda, ngathi, “Awu, angiqondi.” Ngase-ke ngiqhubeka. . . Futhi ngafunda ngehla:

*. . . akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhayiswa, . . .*

Kwehla njalo lapha kwafika endaweni lapha lapho okwathi khona:

*Ngokuba umhlabathi . . . ophuza imvula efika kaningi phezu kwawo, ukumilisa imifino inyama abawulinyelwayo, uyabusiswa nguNkulunkulu:*

*Kepha uma weza ameva nekhakhasi uyaleka, futhi . . . duze nokuqalekiswa; ukwahlulelwa kwawo ngukushiswa.*

<sup>192</sup> Ngathi, “Ngiyamangala ukuthi ngabe lokho kuchaza ukuthini?” Ngangivele nje. . . Manje, ngangicabanga ngalutho enhla lapho. Nje ngicabanga lokho. Kwase kuthi nje ngaleyonkathi njengoba ngangihlezi lapho, ngacabanga ukuthi iNkosi izonginika umbono ngoMfowethu Davis nabo ezansi lapho. Futhi ngangihlezi lapho; ngabheka, ngase ngibona into ethize iphenduka phandle ngaphesheya kwesigodi phambi kwami. Futhi kwakuyizwe liphenduka. Ngase ngibona lonke

lalimahlephuhlephu, lalibukeka nje sengathi lalilinywe yonke indawo. NeNdoda yaphuma nento e—e—enkulukazi phambi kwaYo igcwele imbewu, futhi Yayifaza imbewu konke le emhlabeni wonke lapho Ihamba. Futhi Yayihamba izungeza ukugoba komhlaba, futhi Yasithela emehlweni ami. Futhi yathi nje Ingasithela emehlweni ami, nakhu kufika indoda ibukeka inyenya ngempela, igqoke izingubo ezimnyama, ihamba ijikeleza kanje, ihamba, whewu, whewu, iphosa izimbewu ezimbi, whewu, whewu. Ngase ngikubhekisisa, futhi njengoba umhlaba uqhubeka uphenduphenduka . . .

<sup>193</sup> Emva kwesikhashana kuvela ukolo. Futhi ngenkathi kuvela ukolo, khona lapho kuphuma amakhakhasi, nezimbali ezinameva, nameva, nokhula umnukane, nayo yonke into ikhula, ukhula-bisi, nayo yonke into ikhula kukolo. Futhi konke kwakukhula ndawonye. Futhi nakho kufika esangempela, isomiso esibi, nokolo omncane wawugebise ikhanda lawo kanjalo, nekhakhasi elincane, nezimbali ezinameva, ameva, kwakugebise ikhanda lakho. Ukhula ngalunye nje [UMfowethu Branham wenza umsindo wokuhefuzela—Umhl.] luphefumula kanjalo. Wawungaluzwa nje. Futhi lwalubiza imvula, imvula.

<sup>194</sup> Futhi emva kwesikhashana, sekufika ifu elikhulukazi, namanzi ephophozo nje ehla. Futhi ngenkathi ehlela phezu kwalapho, lowokolo wagxuma waya phezulu futhi uqala ukumpopolozu, “Udumo, Haleluya, Ayidunyiswe iNkosi!” Kwagxuma ukhula umnukane oluncane lwase lumpopolozu, “Udumo, Ayidunyiswe iNkosi, Haleluya!” Ameva nalo lonke lwalo, lugwaba macala onke phezu kwensimu lumpopolozu, “Udumo, Haleluya, Ayidunyiswe iNkosi!”

Awu, ngathi, “Angikutholi lokho.”

<sup>195</sup> Umbono wangishiya; ngase-ke ngiwela emuva kulokho futhi: “Ikhakhasi eliseduze nokuyaleka.” Ngase ngikutholake. UJesu wathi, “Imvula inela abalungile nabangalungile.” Indoda ingahlala emhlanganweni, ingakhuluma ngezilimi, ingamemeza futhi yenze nje njengawo onke amanye ngoMoya oNgcwele wangokoqobo futhi noma kunjalo ingabi seMbusweni kaNkulunkulu. Kunjalo impela. Akashongo yini uJesu, “Abaningi bayoma ngalolosuku futhi bathi, ‘Nkosi, angikhiphanga yini odeveli ngeGama laKho; angiprofethanga yini (ngashumayela) ngeGama laKho; angenzanga yini imisebenzi eminingi yamandla ngeGama laKho na?’” UJesu wathi, “Sukani kiMi, nina benzi bokubi, aNgizange ngize nginazi ngisho.” Kuthiwani ngalokho na?

<sup>196</sup> Nakhu ngqo okukuchazayo lapha. Niyabo? Banambitha imvula enhle evela eZulwini. Kodwa ukuqala nje, babenephutha. Ukuqala nje izimpokophelo zabo zazingalungile; izinjongo zabo yayingalungile. Lokho, ungeke washo. I . . . Niyazi, ekuvuneni wathi, “Ngingahamba futhi ngilusiphule lonke na?”

197 Wathi, “Yekani kukhule ndawonye, futhi ngalolosuku lameva nezimbali ezinameva kuyoshiswa ndawonye, nokolo uyoya enqolobaneni.” Manje, uzokwazi kanjani ukuthi yikuphi okuyiva, noma yikuphi okuyimbali enameva, noma yikuphi okungukolo na? “Niyakubazi ngezithelo zabo.” Uyabo, mfowethu, dade, umuthi omuhle ungethele isithelo esibi. Akunandaba, ndawondawo ngasemgwaqeni, kuzobambana nawe. Ngakho, wena ekufuneni umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. . . ngiyajabula noma ubani obhale lokho. Niyabo?

198 Manje, lawomakholwa athiyeka emngceleni emuva lapho, ayenawo ngqo. Ayesokiwe ngokusokwa kwawo. Awelela ngqo ezweni uNkulunkulu alethembisa, afika ngqo onqenqemeni lwalo. Amaningi indoda yenyuka ize iyofika kulolonqenqema. Iyohamba yenyukele ngqo embhaphathizweni kaMoya oNgcwele bese iwenqaba. Ayifuni ukukuyeka. Iyokwenyukela ngqo embhaphathizweni womBhalo eGameni likaJesu Kristu, bese ifulathela, bese iwenqaba ukuze ivimbele ukuwubona.

199 Akukho nowodwa umBhalo kulolonke iBhayibheli lapho noma ubani ake abhaphathizwa khona egameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, akukho nowodwa umBhalo. Ibandla eliKatolika lakuqala, kuphumela kuLuther, kwehlele kuWesley, futhi kudonse njalo kwadabula kwaze kwaba lapha. Kunjalo impela. Kodwa inqubo yangokomBhalo yiGama leNkosi uJesu Kristu. Lowo ngumbhaphathizo wobuphostoli. Ungeke wakwenza lokho bese uhlala ehlelweni. Kunjalo.

200 Manje, niyazibona lezozinto na? Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, iziphiwo zikaMoya, izinto uNkulunkulu azivezayo. . . Isithelo sikaMoya luthando, ukujabula, ukubekezela (o, wena uthi, “Kodwa Mfowethu Branham, akabusiwe uNkulunkulu, ngiyabekezela.” Kubonakala njengakho. Ngenyukela eOhio lapha kungekudala, nomunye wangibuza, wabhala incwadi ezansi lapha wayesengibuza ukuthi ngabe ngangibhaphathiza abantu eGameni likaJesu Kristu yini. Angizange ngithi vu. Bakuthola noma kanjani, nabefundisi abayishumi nesithupha ababambisene bahosheka. Lokho ukubekezela akusikho yini!)—ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, ukukhuthazela, noMoya oNgcwele. Niyabo?

201 O, mfowethu, dade, si—siseKadeshi-barineya. Niyanambitha manje. Izolo ebusuku uMoya oNgcwele wehlele phezu kwethu, ungena kithi, phakathi njengokuvunguza komoya. Uzinze phezu kwabaningi benu. Namhlanje abefundisi bebevakashela amakhaya lapha nalaphaya, bebeka izandla futhi bekhulekela labo ofuna uMoya oNgcwele. Ungathathi isibambiso. Ungathathi uhlobo oluthize lomsindo. Ungathathi uhlobo oluthize lwamadlingozi. Linda lapho uNkulunkulu aze ukuba usekubumbile futhi wakwenza isidalwa esisha, wakwenza umuntu omusha. UyaWunambitha manje, uWunambitha nje, kodwa vumela iJuba likuholele ngqo etafuleni, ne—neWundlu

neJuba kwahlala phansi ndawonye, futhi kudliwa idili njalonjalo phezu kweZwi likaNkulunkulu. Ngokuba Liyoma lapho kungekho-zulu noma umhlaba; iZwi likaNkulunkulu liyohlala likhona. Lokho kuqinisele.

<sup>202</sup> Ngiyacela ningacabangi ukuthi nginobul’hlaza. Uma benginabo, bengingaqondile ukuba nabo. Uma ngi... ngithemba ukuthi ngiyiphendulile lemibuzo; ngibe njalo, ngokwazi kwami okwedlula konke.

<sup>203</sup> Futhi ngakho-ke, kumaHeberu 6, uma nizobona, uPawulu ukhuluma kumaHeberu athi, “Awu, sizohambisana nawe kuze kube lapha.” Bayokwenyuka. Niyabo? Wathi, “Manje, ni...” Labo onyukayo wayesenambitha.

<sup>204</sup> Kwenzekile nje ngabuka emuva esakhiweni. Ukunikhombisa ubufakazi obubonakalayo bukaNkulunkulu oPhilayo. Ngithemba ukuthi angikwenzi lokhu kube ngukugqama komuntu. Ngingena ngivela emhlanganweni kungekudala, futhi ngifika lapha, ngase ngimemezela kini ukuthi umngane olungileyo, ushomi wami oqondene nami, uphathini esizingela naye, indoda eyayikade ilungile kimi, indoda eyayikade isebandleni lami, futhi yayikade ingumfowethu; ngangimbiza ngoBusty. Igama lakhe nguEverett Rodgers; wayakhe eMilltown. Bangaki abangikhumbulayo ngifika lapha ukuba ngimemezele na? Wayelele lapha esibhedlela; odokotela bamhlinza, bamqhaqha, futhi egcwele kakhulu umdlavuza bavele bamthunga nje. Bathi, “Uzoya ngokuncipha khona nje; emavikini ambalwa uzobe engasekho; kuzoba yilokho kuphela okuzobakhona kukho. Uzophela, yilokho kuphela.”

<sup>205</sup> Niyakhumbula ukuthi ngama kanjani lapha emsamo, ngamkhulekela na? Ngehlela lapho ngase ngiyongena ekamelweni, into ethize idla enhliziyweni yami. Ngahamba ngangena ekamelweni, futhi ngathi nje ngingakhipha wonke umuntu ukuze ngikwazi uku...UMfowethu Everett wayelele lapho. Futhi nizokukhumbula lokhu. Ngahamba ngangena; ngathi, “Mfowethu—Mfowethu Busty.” (Ngangimbiza ngoBusty.)

<sup>206</sup> Kudala ngenkathi sasinemhlangano efukwini ezansi lapho, onke lawomaMethodisti emuva laphaya egqumeni (uGertie, omunye wawo), ehamba eshelela, wayelunguza efukwini lamagilebhisi ukubona ukuthi ngangizothini, nakanjalo, esaba ukuthi ibandla leMethodisti lalizobakhipha ebandleni. Kwase kuthi-ke, ngahamba futhi ngaba nombono lapho, ngase ngibona inyama yonke inqwabelwe ethinini. Ngabamba isixheke sezinhlanzi ngase ngizibopha phezulu ngentambo, ngazibeka—beka phezu kwalezizinhlaka, ngase ngibopha izinhlaka phezulu. Futhi ngenkathi ngibuka...Futhi konke kwakusembonweni; ngangishiye—shiye isigejane sabantu simi phansi kwefuku ngalobobusuku ngase ngenyukela esiqongweni

segquma kwaMfowethu Wright. Futhi abakwazanga ngisho ukungithola ngokusa okulandelayo. Ngathi, “Akungabikho namunye wenu . . .”

<sup>207</sup> Ngenkathi ngisami lapho ngishumayela, nakhu kufika lokho kuKhanya; leyoNsika yoMlilo yalenga khona lapha phambi kwami yase ithi, “Suka lapha bese uya emahlathini; Ngizokhuluma kuwe.” Kwakuyilo lolosuku olufanayo, usuku olulandelayo ngenkathi bengithola phezulu egqumeni. Futhi ngangikade ngilapho; ngafihla imoto yami okhuleni, futhi ngangikade ngiphezulu entabeni ngikhuleka ubusuku bonke nalolonke usuku olulandelayo. Abanye babo benyukela lapho, bayithola imoto base benyukela lapho . . . Lolo kwakulusuku uMfowethu Graham Snelling, lapha, emukela ngalo uMoya oNgcwele nobizo enkonzweni.

<sup>208</sup> Phezulu lapho emmangweni kwakuyikuthi ngangikade ngilele lapho, futhi Wa—Wangitshela izinto ezehlukene ukuba ngizenze nokuthi kuxhumana kuni esasizoba nakho ndawonye. Unikeza umbono wokubona lezizinhlanzi ziboshwe ngentambo phezulu, wathi, “Leli yibandla lakho laseMilltown.”

Nabane noma abahlanu babo besuka bethwabaza; ngase ngithi, “Ubani lowo na?”

Wathi, “Omunye wabo nguGuy Spencer nomkakhe. Omunye ngomunye uSpencer lapho, nababo.” Futhi Washo abehlukene, ababesosuka bathwabazele.

<sup>209</sup> Ngabatshela; ngathi, “Akungadli namunye wenu.” Umkami nami wayenga . . . Kwakungaphambi kokuba sishade; futhi waya ekhaya ukuba ahlale ubusuku bonke noDadewethu Spencer, owesifazane oyisimangaliso. Owesilisa oyisimangaliso, uGuy Spencer uyindoda nje ekahle njengeme esikhumbeni sesicathulo. Futhi we—futhi wehlela lapho, noOpal wathi, “Manje, buka . . .” KuMeda, wathi, “Manje, Meda, ngiyamkholwa uMfowethu Bill.” Wathi, “Kodwa uma uOpal eselamba, uzofanele abe nehemu namaqanda.” Ngakho uya laphaya, futhi ufraya ihemu yakhe namaqanda, futhi uhlala phansi ukuba akudle, futhi uqala ukubusisa, futhi wencika phezu kwetafula, ekhala, akakwazanga ukukuthinta. Base-ke beza bezingela.

<sup>210</sup> Futhi phezulu lapho egqumeni ngalolosuku, Wangitshela khona impela okwakuzokwenzeka. Wathi, “Laba bazoshiya, bese kuthi-ke laba bazoshiya.” Kodwa Wayenenqwatshana enkulu yenyama efakwe ethinini. Wathi, “Kugcine lokhu ukuba kuqhutshekwe nokusetshenziselwa abantu baseMilltown.” Futhi ngobunye ubusuku ngenkathi ngizwa uMfowethu Creech . . . Ubehlezi lapha izolo ebusuku. Angi . . . Mfowethu Creech, ukhona kulobubusuku na? Ngenkathi uMfowethu Creech efika kimi, wangibizela enhla, noDadewethu Creech, ekhala; ubabayi wakhe wayelele lapho. Wathi, “Mfowethu Bill, ungamtsheli. Uyafa.” Wathi, “Udliwa ngumdlavuzi; odokotela

bamqhaqhile, futhi nje ugcwele umdlavuzwa ngakho konke.” NoWill Hall (nani nonke niyamkhumbula), ngenkathi udokotela ofanayo emqhaqha futhi wayegcwele kakhulu umdlavuzwa... Ngaqala ukuyozingela izingwejeje ngalokho kusa, ngase ngibona lawoma apula elenga ekamelweni. (Niyayikhumbula leyondaba yakho na?) Futhi lapho indoda iyaphila namhlanje. Lokho sekube yiminyaka eyadlula. Yena noMfowethu Busty babengabangani.

<sup>211</sup> Ngase ngehlela esibhedlela, esibhedlela esisha (ngiyakhohlwa ukuthi basibiza ngokuthini, phandle lapho eNew Albany) esibhedlela esisha. Ngase ngiphumela lapho ukuyobona uBusty; futhi ngenkathi ngiyongena ekamelweni, ngathi, “Mfowethu Busty.”

Wathi, “Mfowethu Bill.” Wasibamba ngqi isandla sami ngalokho kuxhawula okudala okukhulu; isosha elidala leMpi yokuQala yoMhlaba, ngingakusho ngoba ekhona, kodwa nje ekahle inhliziyi njengoba yayishaya njalonjalo phansi kweyembe elidala elil’hlaza sibhakabhaka. Wabamba isandla sami. Ngike ngaba sendlini yakhe; ngidla endlini yakhe; ngalala endlini yakhe, sengathi nje ngangingumfowabo. Abantwanyana bakhe nabo bonke, nje si—nje sengathi yizelamani zegazi. Indoda ekahle.

<sup>212</sup> Futhi u... Kodwa akazange eze ngokujula neNkosi. U... ngambhaphathiza eGameni likaJesu Kristu. Kodwa lolosuku ngenkathi lowomshumayeli weMethodisti ethi, “Noma ubani obhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, akaphume phansi kwethende lami.” Lokho kwakulungile. UGeorge Wright nabo baphuma. Leyontambama ngehlela lapho ukuyobhaphathiza eGameni likaJesu Kristu eTotten Ford. Ibandla lakhe lonkana lahamba langena emanzini futhi labhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Ngakho ngaqhubeka nje. Lokho kwakulungile. UNkulunkulu engakini, ubani ongamelana nani na? Angazi ngisho nokuthi indoda yashonaphi, kwenzekani kuyo.

<sup>213</sup> Nokho, ngahamba ngangena esibhedlela. Nango uBusty wayelele lapho egcwele kakhulu umdlavuzwa, odokotela babengeke ngisho, abenzanga lutho kodwa nje babuye bambopha bamhlanganisa ngeklempu. UBusty wathi kimi; wathi, “Mfowethu Bill, lokhu kungokwenhloso. Ikhona into ethize eyenzekile.”

Ngathi, “Yebo, Busty.” Ngiqala ukuzwa lowoMoya njengalokho kuvunguza komoya ebengikhuluma ngakho, niyazi, kungena.

Wathi... Ngenkathi ngihamba ngingena lapha, kwakukhona uthingo lwenkosikazi kulelokhona, lumi kulelokhona. Uthingo lwenkosikazi luyisivumelwano; isivumelwano sikaNkulunkulu. UNkulunkulu wenza

isivumelwano nami kuleyontaba ngalolosuku. Ngabeka izandla zami phezu kukaMfowethu Busty ngase ngimkhulekela.

Odokotela uthi, “Uzoya ngokuncipha. Uzokwehla nje. Akukho lutho olwenza. . . Uzobe engasekho nje ezinsukwini ezimbalwa.” Futhi uBusty Rodgers. . . Lokho sekube amaviki namaviki namaviki edlule, noBusty Rodgers, ehlezi khona emuva lapha ebandleni kulobubusuku, ephilile futhi eqatha njengoba ngangimbona njalonzalo ebukeka empilweni yami. Sukuma, Mfowethu Busty. Nango. Asinike uNkulunkulu udumo, wonk’umuntu.

Babebuthene ekamelweni eliphezulu,  
Bonke bekhuleka eGameni laKhe.  
Babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele,  
Namandla enkonzo afika.  
Manje, Abenzela khona ngalolosuku,  
Uzonzela okufanayo.  
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
“Ngingomunye wabo.”

Ngingomunye wabo, omunye wabo;  
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
“Ngingomunye wabo.” (Haleluya!)  
Omunye wabo, ngingomunye wabo;  
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
“Ngingomunye wabo.”

Nakuba lababantu bangezisho ukuthi bayibo,  
Noma baqhoshe ngodumo lwezwe,  
Bonke bemukele iPhentekoste labo,  
Babhaphathizwa eGameni likaJesu.  
Futhi bayasho manje kokubili kude nakabanzi,  
Amandla aKhe namanje asafana.  
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
“Ngingomunye wabo.”

Ngingomunye wabo, ngingomunye wabo;  
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
“Ngingomunye wabo.” (Haleluya!)  
Omunye wabo, ngingomunye wabo;  
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
“Ngingomunye wabo.”

Manje, woza mfowethu, ufune lesisibusiso  
Esizohlanza inhliziyi yakho esonweni,  
Esizoqala ukukhala kwezinsimbi zenjabulo,  
Futhi sizocina umphefumulo wakho uvutha.  
O, uyavutha manje phakathi kwenhliziyi yami,  
O, udumo eGameni laKhe.  
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
“Ngingomunye wabo.” (Asilicule!)

O, omunye wabo, omunye wabo;  
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.” (Haleluya!)

Omunye wabo, omunye wabo;  
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.” (Bangaki ongomunye  
 wabo, phakamisa isandla sakho? O, he! O,  
 ngijabula kanjani ngingomunye wabo.)

Omunye wabo, omunye wabo;  
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.” (Haleluya!)

Omunye wabo, omunye wabo;  
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.”

Babebuthene kulelokamelo eliphezulu,  
 Bonke bekhuleka eGameni laKhe.  
 Babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele,  
 Kwase-ke kufika amandla enkonzo.  
 Manje, Abenzela khona ngalolosuku,  
 Uzonenzela okufanayo.

Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.”

O, omunye wabo, omunye wabo;  
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.” (Haleluya!)

Omunye wabo, omunye wabo;  
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.”

Manje, ngenkathi sisacula lelokhorasi futhi, ngifuna  
 ngamunye wenu ukuba nijike, futhi nixhawulane nomunye  
 ongakuwe, futhi nithi, “Ungomunye wabo na?” Niyabo?  
 Kulungile.

O, omunye wabo (Ngiyazi unguye, Mfowethu  
 Neville. Ngiyazi unguye, Mfowethu Capps.  
 Ngiyazi unguye. Ngiyazi unguye . . . ? . . . )  
 . . . omunye wabo.

O, omunye wabo, omunye wabo;  
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.”

<sup>214</sup> O, awujabuli ungomunye wabo. Bangaki abangathanda  
 ukuba nguye, phakamisa isandla sakho? Kulungile. Manje,  
 ngizoniculela leli:

Manje-ke woza mfowethu, ufune lesisibusiso  
 Esizohlanza inhliziyu yakho esonweni,  
 Esizoqala ukukhala kwezinsimbi zenjabulo,



Futhi sizogcina umphefumulo wakho uvutha.  
 O, uyavutha manje phansi enhliziyweni yami,  
 O, udumo eGameni laKhe.  
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.”

O, omunye wabo, omunye wabo;  
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.” (Haleluya!)  
 Omunye wabo, ngingomunye wabo,  
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.”

<sup>215</sup> Niyakhumbula ukuthi intombazanyana yathini kuPetru, “Awusuye omunye wabo na?” Ngijabula kakhulu, anijabuli na? Niyazi, uPetru wathi ngosuku lwePhentekoste, “Lokhu yiLokho!” Manje, bengihlale njalo ngithi, “Uma *lokhu* kungesikho Lokho, ngiyajabula ngina *lokhu*, ngilinde Lokho ukuba kufike.” Kunjalo. Ngiyajabula ngalokhu.

Ngokuba ngingomunye wabo, ngingomunye  
 wabo;  
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.”  
 O, omunye wabo, omunye wabo;  
 Ngijabula kakhulu ukuthi ngingathi,  
 “Ngingomunye wabo.”

<sup>216</sup> O, lokhu akumangalisi yini, sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sixoxisana noMoya, sixoxisana phezu kweZwi, sikhuluma ngezinto ezinhle ezizayo. Kuhle kakhulu. Ngijabula kakhulu ukwazi lokho, awujabuli na? Awujabuli ukuthi ungumKristu na? Awujabuli ukuthi izono zakho ziphansi kweGazi na? Uzobe efika ngolunye lwalezizinsuku, futhi sizobe sihamba naYe. Manje-ke cabangani, konke ukuguga kuyoqathaka kuphume kithi; konke ukugula, konke ukuhlupheka, yonke impilo esazofa iyoguquka. O, he! Ngingacabanga nje ngabafowethu abadala abathandekayo abama lapha. Ngiyakhumbula... Bangaki okhumbula uRabbi Lawson na? He, iningi lenu nonke. Sengiyambona elengisa leyokheyini endala khona lapha. Futhi ngangisuke ngihlezi emuva lapho. Wayecula leliculo elincane... (Umzuzu nje Teddy, mfowethu.) Ngizozama, ngibone ukuthi ngingayithola yini indlela yalo. Angazi.

Lapho ngilindwe yikusasa lenjabulo,  
 Lapho amasango eparele eshwibeka evuleka  
 kabanzi,  
 Futhi nxa ngiwela leveyili yosizi,  
 Ngiyophumula kwingaphesheya.

Suku lumbe ngaphezu kwalapho kufinyelela  
 khona ukwazi kosazofa,  
 Suku lumbe, uNkulunkulu kuphela uyazi nje  
 ukuthi kuphi noma nini,  
 Amasondo empilo esazofa onke ayoma ngqi,  
 Khona-ke ngiyohamba ngiyokwakha  
 egqumeni laseZiyoni. (Ya.)

217 Lamasonjwana eliphenduka phakathi kithi—ukubona, ukunambitha, ukuphatha, ukuhogela, nokuzwa, lemizwa emincane namasondo eliphenduka kulempilo esazofa, suku lumbe ayoma ngqi. Khona-ke mina, uqobo lwami, nani, siyohamba siyokwakha egqumeni laseZiyoni. O, ngiyakuthanda lokho, anikuthandi na? Sazi ukuthi sinalesosiqiniseko esibusisiwe. Kulungile. Bangaki olaziyo iculo lethu elidala lokubhaphathiza na? Manje, sizolishintsha lelo. Asithathe iculo lethu lokusikhipha:

Hamba neGama likaJesu,  
 Mntwana wokudabuka nowosizi;  
 Liyakukunika injabulo nenduduzo,  
 Lithathe noma uyaphi.

218 Hamba neGama likaJesu. Kwenze nje lokho, njengoba uhamba. Kulungile, ngakho konke manje. Ningakhohlwa, ngelesishiyagalombili nqo ekuseni amakhadi omkhuleko azokhishelwa umhlangano. Umhlangano uzoqala ligamenxe elesishiyagalolunye. Ngizobe ngishumayela ngeleshumi. Inkonzo yomkhuleko wabagulayo izoqala cishe ngeleshumi nanye nqo.

219 Kusasa ntambama, kusasa kusihlwa kuzoba ngumlayezo wokuvangela etabernakele. Futhi kusasa ebusuku, nonke nina ophendukile ezonweni zenu futhi ningakaze nibhaphathizwe, kuzobakhona. . . ichibi lizovulwa; sizobe sibhaphathiza abantu eGameni leNkosi uJesu Kristu.

220 Wonke umuntu kanyekanye manje, sisacula ngalo lonke iphimbo lethu. Mfowethu Busty, awazi ukuthi ngijabula kanjani futhi nginokubonga kuNkulunkulu. Uyazi, wenyukela kudokotela. Futhi bangitshela ukuthi udokotela wambuka, futhi nje akangazi ukuthi acabangeni. Wayengakholwa ukuthi kwakungumfo ofanayo. O, akumfihlo uNkulunkulu angakwenza. Lokho akunjalo na? Kulungile.

Hamba neGama (Kuzwakalise!) likaJesu,  
 Mntwana wokudabuka nowosizi;  
 Liyakukunika injabulo nenduduzo,  
 Manje, lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu (Gama eliliGugu!), O limnandi kangaka!  
 Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;

Gama eliligugu (O, Gama eliligugu!), O  
limnandi kangaka!  
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

<sup>221</sup> Kulungile. Ngibuyisela inkonzo manje kumelusi. Uzoba namazwi athize, noma akhulumele ukuba omunye asikhiphe, noma ngabe yini esemqondweni wakhe.



*IMIBUZO NE ZIMPENDULO NGO MOYA ONGCWELE ZUL59-1219*

(Questions And Answers On The Holy Ghost)

UCHUNGECHUNGE LO UKUZIPHATHA, INQUBO NEMFUNDISO YE BANDLA

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMgqibelo kusihlwa, ngo Disemba 19, ngo 1959, eTabernakele likaBranham eJeffersonville eIndiana, eU.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)